# Umbhidlango Wokulwa Nengculazi Kulesisikhathi

## Umhlahlandlela Wemiphakathi Emincane YamaKristo

*Ihlelwe ngu:*

**Anselm Prior OFM**

**no-Alison Munro OP**

*Yahunyushwa ngesiZulu ngu:* **Mandlenkosi Mkhize**

SACBC AIDS Office

ST. AUGUSTINE COLLEGE OF SOUTH AFRICA

CATHOLIC THEOLOGICAL SOCIETY OF SOUTHERN AFRICA

**2004**

2004

Umbhidlango Wokulwa NeNgculazi Ngalesisikhathi: Umhlahlandlela Wemiphakathi Emincane YamaKristo

© 
- SACBC (Southern African Catholic Bishops' Conference) AIDS Office
- Catholic Theological Society of Southern Africa
- St. Augustine College of South Africa

ISBN 0-620-32939-4

***Imprimatur:***

Ngicabanga ukuthi lelibhuku alinangozi okholweni nasemfundisweni yeBandla eliKhatholika mayelana nokuziphatha kahle. Lisisiqiniseko sivumela ukuba lisetshenziswe njengesisekelo ekufundiseni ngokholo oluKhatholika ngezindaba zikaNkulunkulu.

+Frank Nubuasah, SVD, *Bishop of Francistown*
*Inikezwe eFrancistown, ngomhlaka 1 Disemba 2003.*

| | |
|---|---|
| *Umdwebo osoqwembeni ngaphandle:* | Sheila Flynn OP nabo-mama be-Kopanang Project |
| *Izithombe ezikulelibhukwana:* | Adrian Bakker |
| *Ukuhlelwa kwalo:* | Stylish Impressions (033) 3869584 |
| *Ishicilelwe ngabe:* | Intrepid Printers |

**Ukubonga kwedluliselwa kulaba:**

- I-Missio Aachen ne-CORDAID okuyibona abanikeza uxhaso lwezimali zombuthano kanye nokushicilelwa kwalelibhuku.
- Abahlanganyela embuthanweni lapho kwaqhamuka khona imibono ekulelibhuku: owawuse-St. Augustine College, e-Goli ngo-February 2003.
- Amahhovisi engculazi eNhlangano yabaBhishobhi eNingizimu neAfrika, iKolishi lase-St. Augustine, iCatholic Theological Society yaseNingizimu neAfrika okuyibona abengamela lombuthano.
- U-Fata John Maneschg ngosizo lwakhe njengochwepheshe kwezeBhayibheli, benoMnu. Tim Smith ngegalelo lakhe kwezeMfundiso yeBandla.
- UDineo Monyepao beno-Maureen Troy ngokuthayipha ibhuku lesiNgisi.
- No-Sr Theresa Mbatha FSF ngokuthayipha ibhuku lesiZulu.

***Lesibhuku lingatholakala kulezizindawo:***

**SACBC AIDS Office**
PO Box 941
Pretoria 0001
*Fax:* 012 326 4309
*Tel:* 012 323 6458
amunro@sacbc.org.za

**Cluster Publications**
P.O. Box 2400
Pietermaritzburg 3200
*Fax:* (033) 345 9897
*Tel.* (033) 345 9897
cluster@futurenet.co.za

**Lumko**
PO Box 5058
Delmenville 1403
lumko@global.co.za

# Contents


- Ukubonga 2
- Isingeniso 4
- Isigcawu 1: Amasiko Ase-Afrika 8
- Isigcawu 2: Ukuzikhandla ngokunakekela Abanye 14
- Isigcawu 3: Ezokuxhumana 20
- Isigcawu 4: Ukuziphephisa Ezifweni 26
- Isigcawu 5: Isiko-Mpilo LeBandla 32
- Isigcawu 6: Ubulili 37
- Isigcawu 7: Ukwelapha 43
- Isigcawu 8: Ukunakekela 48
- Uhla LweziNcwadi 53
- Uhla Lwezethameli 54

# *Isingeniso*

## Imvelaphi Nenjongo Yalelibhuku

Ikomid labangu-85 lahlangana eSt Augustine College eGoli, ngenyanga kaFebruary 2003 ukuzobonisana ngeqhaza elingabanjwa yiBandla ekulweni nengculazi nesandulela sayo (HIV/AIDS). Abaningi babephuma eNingizimu Afrika, kepha abanye babevela emazweni angomakhelwane kuze kuyofinyelela eMelika nase Yurophu imbala. Umbuzo osemqoka wawuthi: Kungabe kukhona yini elingakusho iBandla mayelana nalengwadla ebhuqabhuqa isizwe sonke na? Umongo wezinkulumo ezazisemazingeni aphezulu ezinye zidle ngokuvelela, uqoqelwe kwelinye ibhuku elibizwa ngokuthi "Inselelo Ngesikhathi Sikamashayabhuqe". Okusho igalelo labelusi bamakholwa kanye nochwepheshe ngezindaba zikaNkulunkulu, bebambisene nalabo abazinikele emsebenzini wokulwa nengculazi. Injongo yalelibhuku ngukwabelana neningi labantu ngolwazi olunzulu olwazuzwa kulenkomfa.

Ikomidi elalilungiselela lenkomfa lalinezinye futhi izifiso: Makwenziwe njani ngalabo bantu, okuthi ngezizathu ezithile bangabi nasabelo olwazini olunzulu ngoNkulunkulu na? Kungenzeke yini ukuba bahlomule nabo kulokhu okwabelwana ngakho kwinkomfa na? Yiyo-ke lena injongo yalelibhuku. Lidingida ngalezozihloko eziqavile okwabelwana ngazo kwinkomfa. Lisesimweni sokusetshenziswa uma kubuthenwe kufundiswana noma kwabelwana. Njengoba kuzochazwa esigabeni esilandelayo, lendlela yokwabelana izonika bonke abantu ithuba lokudingida izihloko ezithile mayelana nempilo yabo ngendlela abayejwayele. Lokhu akuzukwenza nje abantu baqonde ngokujulile ngengculazi kuphela, kodwa futhi kuzobanika ithuba lokusebenzisa ulwazi olusha abaluzuzile ngendlela okuyiyo ezimweni ezahlukehlukeneyo zempilo. Kafushane singathi-nje, njengoba incwadi yokuqala beyigxile olwazini lena yesibili inikeza amasu okulwa nengculazi. Sinethemba lokuthi amaKristo wonkana azolisebenzisa lelibhuku ngokwezigaba zawo: sisho amalunga emiphakathi emincane yamaKristo, amalunga emihlangano eyehlukehlukene, intsha kanye nabanye.

## Lingasetshenziswa Kanjani Lelibhuku

Kulindelekile ukuthi kuthathe imihlangano eminingana ngaphambi kokuba umbuthano ngamunye uthele izithelo. Niyelulekwa ukuba niqale ngalezo zihloko enizithokozelayo kulemibuthano. Kubalulekile ukuthi omunye alobe phansi amaphuzu athile embuthanweni ngamunye ukuze kukhunjulwe lokho osekuxoxiwe ngakho. Ngenye indlela, isihloko ngasinye singadingidwa usuku lonke. Uma bebaningi abantu embuthanweni, bangahlukaniswa izigatshana zamalungu ayisithupha noma ayisishiyagalombili (6-8) ukuze kugqugquzeleke ukusebenzisana nokuxoxisana. Imiphumela yalokhu kuxoxisana ingabhalwa phansi noma kwabelwane ngayo ngomlomo nabo bonke embuthanweni. Uma kwenzeka kubakhona imidlalo ethile ngezinye zezindatshana ezixoxiwe, lokhu kungenziwa bonke bebuka.

Isigcawu ngasinye sehlukaniswe izigatshana ezinhlanu okumele zidingidwe ngokulandelana kwazo. Imibuzo ehlelelwe ukuzindla ibekwe yalandela leso naleso sigaba, futhi yiyo le engumongo walelibhuku. Njengoba kuyibhuku lokusebenza leli, lihlelelwe ukusiza imiphakathi yamaKristo ukuze ixoxisane ngezinto ezithinta impilo yawo bese iveza izixazululo ezingasebenza. Uma kuvela eminye imibuzo ngenkathi kuxoxiswana kulezizithangamu zabantu, makungaboniswane ngayo khona lapho.

## *1. Zithini Izidingo Zobuntu Na?*

Kulengxenye yokuqala kunendatshana eyodwa noma ezimbili. Zonke lezizindatshana zikhuluma ngokwenzeka ngempela, nakuba amagama abantu nezindawo abakuzo kushintshiwe ukuze kuhlonishwe ilungelo lokungagagulwa kwabo. Akufundwe kuboniswane ngendaba eyodwa, noma-ke zombili kodwa-ke kuthathwe eyodwa ngesikhathi. Inhloso yalezindatshana ukusiza amalunga axoxisanayo ukuba angene ngokupheleleyo kulesosimo sendaba. Lezindatshana ziveza uhlangothi olungeluhle lwabantu abangakwazanga, ngezizathu ezithile, ukubhekana nenselelo yesimo abakuso ngalesosikhathi. Kukhona nemibuzo yomzindlo ezosiza abaxoxisanayo ukuba baqonde kangcono ngesimo esivezwa yilezindatshana. Akulindelekile ukuba kusheshe kufinyelelwe esinqumweni ngodaba okuxoxiswana ngalo. Lokho kungaze kwenziwe ngasemaphethelweni esigcawu leso.

Uma isikhathi sivuma, kuhle ukuba kudlalwe izingxenye ezithile zendaba ukuze abaxoxisanayo bazibandakanye ngokuphelele nokwenzekayo kuyo. Emuva kwalokho mabahlale ngokuqoqana eziyingini ukuze bazindle *ngemibuzo ekhona.* Kungenziwa okufanayo nangezindatshana ezisesigcawini sesine (4).

## *2. Lithini IBhayibheli Na?*

Kulesisigcawu kunezifundo ezimbili eziphuma eNcwadini eyiNgcwele okungazindlwa ngazo. Bonke mabaphathe amaBhayibheli abo ukuze bazivulele ngokwabo izahluko. Kungasetshenziswa isifundo esisodwa noma ezimbili ngobungako besikhathi esikhona. Nanoma yisiphi futhi isifundo esikhethiwe singasetshenziswa. Kungasiza kakhulu ukuzisebenzisa zombili izifundo, lokhu kungathela izithelo ezithe xaxa. Nakuba iBhayibheli lingabhalelwanga ukuphendula zonke izingxaki, lingasiza ukuhlahla indlela okuyiyona-yona. Ngakho-ke, ukusebenzisa izincwadi eziningana zeBhayibheli kungayikhanyisa kangcono indlela.

Abanye bangakhetha ukuzindla buthule emva kweZwi elifundiwe. Abanye bangakhetha amazwi noma imisho ethile ekhuluma nabo ngqo, noma babelane nabanye ngalokho iNkosi ekushoyo empilweni yabo. Lezizindlela zokuzindla ngezwi likaNkulunkulu zingasiza ekuqondeni leyo naleyongxenye yeBhayibheli. Imibuzo ebekiwe ihlelelwe ukuhlanganisa iZwi leNkosi nesimo sempilo yabantu.

## *3. Ithini Imfundiso YeBandla Na?*

AmaKristo amaningi awakaboni ukuthi iBandla eliKhatholika lizisukumele kangakanani izindaba nezinto ezithinta abantu ezweni, kanye nokuthuthuka kwabo ukuze baphelelisiwe ebuntwini. Ngenxa yalokhu, sifake umyalezo esiwucaphune kowodwa noma emininga yemiqulu yeBandla mayelana nemfundiso yalo.

Kulesigcawu sesithathu, kufakwe ingxenye ethile yemfundiso yeBandla ngesimo sempilo emhlabeni. Ngenxa yolwimi lobuchwepheshe olusetshenzisiwe, niyelulekwa ukuba lengxenye ifundwe ngokuphindelela. Sisagcizelela futhi ukuthi kubalulekile ukuba *kuzindlwe ngemibuzo evelayo*. Yiyo ezosiza ababutheneyo ukuba baqonde ngokujulile umbiko walendaba, iphinde yelekelele ekuhlanganiseni lendaba nesimo okuxoxiswana ngaso.

## *4. Ukwakhiwa Busha Kwempilo Yethu*

Uma udaba selucutshungulisisiwe nxa zonke (kubhekwa impilo yabantu, iZwi likaNkulunkulu, nemfundiso yeBandla), amalunga amelwe ukubhekana nekusasa ngesibindi. Lena yiyona njongo yesigcawu sesine nesesihlanu (4 & 5).

Esigcawini sesine kwethulwe izindatshana eziningana, eziveza uhlangothi oluhle. Zona ziqhakambisa ubuqhawe babantu abathile abakwazile ukubhekana nenselelo yesimo abakuso ngesibindi nempumelelo. Injongo lapha ukunikeza izethameli ithemba. Ngalokhu abantu bangafunda ukuthi singanqotshwa lesisifo, nokuthi akufanele baziyekelele kuso ngokulahla ithemba.

Lapha kungasetshenziswa uhlelo olutholakala esigcawini sokuqala. Uma kube nesikhathi esanele sokuxoxisana ngemibuzo, izethameli zingadlulela phambili, okuyiyona njongo yalezizingxoxo njengoba itholakala esigcawini sokugcina.

## *5. Umphakathi Uzihlahlela Eyaphambili*

Akwanele ukuxoxisana ngokudlondlobala kwegciwane lengculazi emphakathini kuphela. Akwanele futhi nokulindela ukuthi izisombululo zizoqhamuka kwenye

indawo (noma kwabathile). Esikushilo ngeke kube namthelela otheni uma singayifuqi kanye-kanye lenkinga, abeke elakhe yilowo nayilowo ebeka induku ebandla. Kanjalo-ke sonke masibhekane nomphumela wezenzo zethu, nangobunjalo besimo esikuso kulomhlaba. Lemizamo ayisoze yaphumelela, ngaphandle kokuthi yilowo nayilowo wethu aphenduke ngenhliziyo nangesiminya ashintshe impilo yakhe *(Bheka ku-Octogesima Adveniens, # 48).*

Esigcawini sesihlanu kwethulwe amaphuzu athile ayinselelo ukuze yilowo nayilowo azindle, futhi axoxisane nabanye ngawo. Kodwa lemizamo mayingapheleli lapha. Kuzona zonke ezinye izahluko, sithola izindlela ezithile zokulwa nalesisifo umashayabhuqe, okungenzeka ukuthi abanye besizibafikele emicabangweni yabo. Nazo-ke makuxoxiswane ngazo.

Isigaba sokugcina kulezizingxoxo kungaba wukuthi izethameli zizikhethele ngokwazo ukuthi zinyathelo zini abazozithatha ukubhekana nesimo kulokhu osekuveziwe. Makunqunywe khona lapho ukuthi ngubani ozokwenzani, nini? Bese kuhlelwa nokuthi omunye umhlangano olandelayo uzokuba nini ukuzozohlolisisa ukuthi izinyathelo ezathathwa zaphumelela yini, noma qha?

## Isigcawu Sokuqala

# Amasiko Ase-Afrika

## 1. Zithini Izidingo Zobuntu Na?

### *Phezani Ukunukana!*

Kwakusekuseni ngenye imini ngise ofisini lami, lapho kwafika khona u-Annie oyilunga lomhlangano weNhliziyo eyiNgcwele Cwe kaJesu ezongibona. Wayeyilunga elikhuthele esontweni futhi enegama elihle emphakathini. Zazehla izinyembezi kuye engitshela ngomshana wakhe. "Uyindodakazi yomfowethu osezitholele isancinzana sakhe esithile njengamanje. Ngabe sengimthatha ngamnakekela kuleminyakana edlulile. Eqiniswenі, ubesefana nendodakazi yami uqobo." Waqhubeka lona wesifazane esho nokuthi empeleni umshana wakhe usedlulile emhlabeni. "Wabulawa ngumashayabhuqe, nakuba senza konke ukuba singatsheli muntu ngembangela yokufa kwakhe. Sasinamahloni. Ngizizwa kungathi nginecala. Besengishilo ukuthi wayenjengendodakazi yami uqobo. Nokho ngangingazi ukuthi lomntwana wayeziphethe budedengu. Nakuba uYise wayengenandaba naye, ngizwa sengathi ngimenzele phansi umfowethu."

Okwenza isimo sibenzima ngukuthi yena lomfowabo useyamnuka manje udadewabo ngokufa kwendodakazi yakhe, uthi wayikhunkula. "Ngashaqeka ukuzwa lezi zinsolo zomfowethu," kuchaza uAnnie. "Ngambuza ukuthi ukuthathephi lokho, waphendula wathi: 'Ngiye esangomeni, esithe wena wamthakatha umntanami. Siqhube sathi sakubona wena ephusheni umnikeza into edliwayo, wadla yona qede wafa. Ngiyazi ukuthi unecala!'"

Ngabe sengimbuza uAnnie, "Ucabanga ukuthi ngabe kwenzekani empeleni lapha?" Yena waqinisekisa ukuthi umfowabo wayenomona ngakho konke ayekwenzela indodakazi yakhe, nangendlela ayeyinakekela kahle ngayo njengengane yakhe uqobo. Manje, mhlawumbe wayezizwa engakhululekile, ikakhulu njengoba engazigcinanga izimfanelo zokuba abeseduze nendodakazi yakhe igula. "Senziwa yini thina bantu singalamukeli iqiniso?" Wangibuza uAnnie esikhihla isililo. "Kwenziwa yini ukuthi lapha e-Afrika sisole abanye ngezigameko zokufa na?"

### *Imibuzo Yokuzindla*

1. Ucabanga ukuthi lentokazi yayizizwa kanjani ngesikhathi ilele, igulela kwababekazi wayo?
2. Ngabe yini eyadala ukuthi uAnnie amnakekele kanje umshana wakhe na?
3. Ucabangani ngokuziphatha komfowabo ka-Annie njengamanje na?
4. Kungabe kufanele yini ukuba njalo sinuke abanye ngezifo e-Afrika? Ngasiphi isizathu?

### *Izindlela Zokwelapha Zomdabu Kuqhathaniswa NezaseNtshonalanga*

Kwakunentokazi esencane, U-Anna, owayehlala edolobheni. Wayeyilunga leqembu elinakekela abaphethwe yingculazi nesandulela-gciwane sayo kanye nezinye izifo ezingelapheki. Wayengananazi, ekubeka kucace ukuthi wayesenalo igciwane lengculazi, futhi efisa nabanye abanjengaye ukuba baphumele eshashalazini, bamukele isimo abakuso, ukuze kubhekwane nalesisifo. Ngokwelekelelwa ngozakwabo, kanye nemishanguzo elidambisayo leligciwane (ARV's), babekwazi ukuphila impilo engcono, beqhubeka nokusebenza, baphinde belekelele ngokuthe xaxa ekusizeni abanye. Ngalesisizathu, u-Anna wayenakekeleke kahle endaweni, ezinakekela naye aphinde anakekele nabanye ngenkuthalo enkulu.

Abazali baka-Anna babekhulele emaphandleni futhi besahlala khona. Njalo uma indodakazi yabo ibavakashele yayihlala ngokugula. Nakuba wayefisa ukuthatha imishanguzo yakhe yakwadokotela, abazali bakhe babemnqabela. Okusempeleni babeyilahla le kude! Okunalokho babemphoqelela ukuba achathe asebenzise neminye imithi yomdabu. Babesho bengananazi, "lemithi yesintu yiyona ezokwelapha noma sifosini esikuphethe." Ingani phela babekholelwa kozifo-zonke namanye amakhambi omdabu ase-Afrika.

Njalo-nje uma u-Anna kade esemakhaya, kwakuthi lapho esebuyela elokishini abe esebangwa nezibi. Kwakumthatha isikhathi eside edla imithi yodokotela ukuba aze abuyele esimweni esingcono. Kwahamba kwahamba kwenzeka lezizigigaba njalo uma evakashele abazali ekhaya, kwase kumqinisa ngamandla manje ukufa, kwaze kwagcina sekumenele.

*Imibuzo Yokuzindla*

1. Ucabangani ngokuziphatha kwabazali baka-Anna na?
2. Kungabe abazali baka-Anna babayimbangela yokufa kwakhe na? Ngasiphi isizathu?
3. Ishayisana kuphi indlela yokwelapha yomdabu wakithi naleyo yasentshonalanga na?

## 2. Lithini IBhayibheli Na?

📖 **Mathew 18:23-35** ***Ngiswele ukuthethelela kuze kubekangaki na?***

*Imibuzo Yokuzindla*

1. Yimuphi umehluko phakathi kwendlela inkosi ebuka ngayo izinto kucabangeni nasekubukeni izinto phakathi kweNkosi nesisebenzi esasingafuni ukuthethelela na?
2. Lendaba isifundisani thina ngokushayisana kwamakhambi esintu nemithi yasentshonalanga ekwelapheni?

📖 **UJakobe 2:14-23** ***Ukholo nemisebenzi emihle***

*Imibuzo Yokuzindla*

1. **Yimiphi imiphumela yokuba nokholo kodwa olungafakazelwa yimisebenzin na ?**
2. **Kungenziwa njani ukuvikela amagugu ase-Afrika ibe isasetshenziswa imithi yaseNtshonalanga ?**

## 3. Ithini Imfundiso YeBandla Na?

Kubalulekile ukuqhakambisa nokuvikela amagugu namasiko ethu njengoba engumgogodla wempilo yethu. Nakuba amasiko engalotshiwe phansi kodwa siwathola ngempilo nangomlomo wawokhokho. Okusho ukuthi ukubakhona kwamasiko kuncike ekuxoxisaneni ukuze amagugu awo adluliselwe phambili. Abantu abathile, nalabo abavelele ngolwazi lwamasiko yibo abayoqinisekisa impumelelo nenqubekela phambili yalamagugu kulesisikhathi esishintshashintshayo. Ngakho-ke ukuxoxisana phakathi kosiyazi ngamagugu ase-Africa, amasiko kanye nenkolo yethu kuyagqugquzelwa kakhulu emiphakathini yeBandla esiphila kuyo.

*African Synod 1994,# 21*

*Imibuzo Yokuzindla*

1. **Kubaluleke ngani ukwazisa amasiko ethu ase-Afrika na?**
2. **Lokhu kuxoxisana okugqugquzelwayo lapha, kungasiza ngani ekuxhumaniseni amasiko nokwenza kwase Afrika kanye nezindlela zesimanje zokwelapha na?**

## 4. Ukuvuselelwa Busha Kwempilo Yethu

### *Umhlukunyezwa Owaphenduka Umnakekeli Wempilo*

UThembi, intombazanyana eneminyaka engu- 13 ubudala, wayehlala epulazini. Umnikazi wepulazi wayevamile ukumnukubeza ngokocansi, kangangokuba waze wakhulelwa. Abazali bakhe bamyisa ngenkani kudokotela ukuba amkhiphise isisu. Udokotela waphinde wamvala isibeletho yena engazi. Kwaba ngukubuyela nje epulazini waphinde umnikazi walo wazitika ngaye ngokocansi ephindelela. Esecikekile yilempatho embi ayephila ngaphansi kwaso, ingani nabazali bakhe babengamsizi ngalutho ngokwesaba umlimi, uThembi wavele wakhetha ukuyohlala emigwaqweni yedolobha. Lapha watholana nendoda esiqinile kunaye eyatshengisa ukuba nozwelo. Ukuze abe nendawo yokufihla ikhanda aphinde aphephe, wavuma ukushada nalendoda. Kungakapholi maseko lendoda yashona, wazithola esebuyela emgwaqweni futhi.

Ayike sikhathi sakhe uThembi wasichitha engena ephuma esikoleni, eyilokhu ehla enyuka nomgwaqo. Kanti kuzothi kusenjalo abone abanye abantwana ababefana naye. “Konje ngizokwenzani ngempilo yami?” wazibuza ekhungathekile. Wabeseqala ukuziqoqa lezingane, waxhumana nomnumzane othile owayesebenza emzileni wesitimela. “Asinalo ikhaya, kanti sibaningi, kubalwa nezingane ezincane”. Lomnumzane wamnikeza indawo yokuhlala. Emva kwesikhashana uThembi wathola ukuthi wayephila nesandulela-ngculazi kanti lezizindaba zizogcwala amaqele. Othile owayelilunga eliqavile esontweni wathi kuye: “Wena naloluquqaba ohamba nalo ningabe nisazuhlupha ngokuza lapha esontweni, sizonenzela izinkonzo khona lapho lanihlala khona.” Emva kokubahambela izikhathi ezimbili nje, akekho owaphinde wazihlupha ngabo. Njengamanje uThembi unakekela izingane ezingu-47. Nakuba zinqwabelene ndawonye, nokho zizizwa zisekhaya kulelidokodo. Omunye walezizingane zakhe usephothulile ezifundweni zomthetho omunye unguSonhlalakahle. Abanye bakhubazekile, kanti abanye baphila negciwane lesandulela-ngculazi. uThembi uyaqhubeka nokuba ngu “mama” kubo bonke.

## Imibuzo Yokuzindla

1. Yini eyenza ukuba umlimi anukubeze uThembi kungabi ndaba zalutho na ?
2. Ucabanga ukuthi yini eyenza uThembi azibuze ukuthi “Ngizokwenzani ngempilo yami na?
3. UThembi ubonakala enelisekile ngempilo yakhe manje. Kukhona okungenziwa ukuyenza ngcono impilo yakhe? Uma kunjalo, yikuphi?

## *Inkinga Yokudlengulwa*

UThabo wayesebenze kanzima empilweni yakhe. Njengamanje wayesezihlalele kahle nomkakhe, noNono indodakazi yabo. Kwathi ehlezi nje ehhovisi lakhe likanokusho, ngolunye usuku wathola ucingo oluphuthumayo luvela kumkakhe. "Buyela ekhaya njengamanje! buya ngokusheshal!" Washo ekhala. "Yini, kwenzenjani?" "Vele ubuye, uyadingeka lapha njengamanje," kuphendula unkosikazi. Efika nje ekhaya wathola ukuthi indodakazi yakhe eneminyaka elishumi idlwenguliwe. Ekuqaleni lengane yayesaba ukutshela abazali, kodwa manje iqiniso laziphumela ngenkathi exoxa nonina ngezocansi nokuziphatha. UThabo wayefuna ukusazi isigilamkhuba ngasona lesosikhathi: "Ubani owenze lento endodakazini yami?" Ngezwi eliqhaqhazelayo umkakhe wamphendula: "Yindodana yalomama obesebenza nathi lapha ekhaya".

UThabo wehluleka ukwamukela lesisehlo. Ngakho yena nomkakhe bangenela umbuthano wabantu abathile abanakekelanayo ukuze bathole uxhaso nokwalulekwa. Ngelinye ilanga ekulombuthano uThabo wazikhalela kwabanye: "Angazi ukuthi ngizokwenze njani.ngicela usizo!" Waqhubeka wathi: "Angifuni mikhuleko yenu. Uma nifuna ukuthandaza, hambani niye ezindlini zenu nikwenze khona lokho. Mina angifune mikhuleko yenu engenakungisiza ngalutho. Kodwa ngifuna ukwazi ukuthi ngizosibuyisela kanjani isithunzi somntanami."

Kodwa izinto zaziya zonakala. UThabo noMaria umkakhe babe kade behambise uNono kudokotela. Umbiko waveza ukuthi indodakazi yabo, yayisinegciwane lesandulela ngculazi. "Ngizoyibulala lendoda" kubhonga uThabo. "Uzokhokha noma kanjani ngesenzo sakhe!" Wazama udokotela ukubancenga ukuba bayekoxoxisana nesigilamkhuba. Kodwa uThabo owayesewotha ubomvu washo ngelikhulu: "Angifuni ukukhuluma naye, ngifuna ukumbulala!" Nokho ngemuva kwesikhathi, ongumgqugqzeli wedlanzana labanakekelanayo wacela ukubonana noThabo ukuze athole ukuthi isimo sinjani emndenini. UThabo wathi: "Ngeke uyikholwe lento, kodwa ngawathola amandla okuxoxa nomdlwenguli. Uthi uzobhekana nemiphumela yamacala akhe. Okwamanje, umntwana uselutholile usizo lwamakhambi futhi ubonakala esengcono impela. Sikholwa ngukuthi lesisimo sizoqhubeka kanjalo. Eqinisweni, lesisehlo sesisihlanganise saba munye njengomndeni."

### *Imibuzo Yokuzindla*

1. **Ucabangani ngendlela uThabo asithatha ngayo, zibekwa nje, lesisehlo esehlela umntanakhe uNono?**
2. **Ukuzihlanganisa nombuthano wokunakekelana kwawusiza kanjani lomndeni na?**

## 5. Umphakathi Uzihlahlela Eyaphambili

1. Kungenziwa njani ukuze kuhanjelwe imindeni eswele, nesezinkingeni na ?
2. Bangasizwa kanjani abazali ekufundiseni izingane ngokuziphatha ngendlela kwezocansi na?
3. Yakha uhlelo lokugqugquzela imindeni ukuba ikhuleke ndawonye, yabelane ngokudla kanye nokunye.
4. Mema bonke abanogqozi ukuba bahlangane, baxoxisane ngokuvuselelwa kwezimilo nezinto ezingamagugu emasikweni abantu.
5. Ubani ongenza uhlelo lokufundisa ngamasiko ehlukahlukene, ulwazi kanye nokubaluleka kwamadlozi na ?

## *Isigcawu Sesibili*

# *Ukuzikhandla ngokunakekela Abanye*

## 1. Zithini Izidingo Zobuntu

### *IsiBopho KuHulumeni Sokondla Abantwana*

USipho usengumfanyana nje ohlala emkhukhwini. Unina ungowokudabuka kwelase Rwanda kanti uyise wabulawa ngumashayabhuqe. Yize ezalwe eNingizimu Afrika, uSipho akabhalisiwe emnyangweni wezasekhaya, akanaso isitifiketi sokuzalwa ngenxa yobuphofu nokungabibikho kwemali yokugibela. Unina akasebenzi futhi uyayidinga imali yoxhaso lokondla izingane. Ngenxa yokungabi nesitifiketi sokuzalwa, akakwazi ukuluthola loluxhaso ngoba akanawo umazisi. Ngalesisizathu, kwathi noma esesidlulisele isicelo somxhaso, wathola ukuphoxeka lapho etshelwa ngomunye wezikhulu zomnyango ukuthi akawufanele lomxhaso.

Amalungu athile enkonzweni adumala ngalokhu, abesehlela ukummela umntwana. Kwaphuma ingxenye yabathunyiwe yanikela emnyangweni wezasekhaya. Balinda isikhathi eside. Ekugcineni babonana nomunye oyisisebenzi kulelihhovisi bamchazela lonke udaba ngesizotha. "Lomtwana uzalwa lapha eNingizimu Afrika. Unina udinga usizo oluphuthumayo ukuze asize lengane inakekeleke futhi iphile ngokupheleleyo. Umthetho uyavuma ukuthi unina angayithola imali yesondlo." Kodwa lesisisebenzi senqaba ukubalalela. Futhi sabatshela ukuthi abanake ezabo izindaba nokuthi baphume baphele ehhovisi. Bazama ukubonisana nalomsebenzi, kepha phinde ukuba abalalele. Wavele wazihlalela phansi wazixoxela nomunye uzakwabo ngolimi lwakubo. Akazange abanike ngisho nephepha olunohlu lwemininingwane edinga ukugcwaliswa, njengokujwayele ukwenziwa kulelihhovisi.

### *Imibuzo Yokuzindla*

1. Sewake wahlangabezana yini nesimo esifana nalesi ehhovisi likaHulumeni na? Waba njani umphumela waso?
2. Yikuphi okungenza uSipho akhule aphile saka njengezinye izingane na ?
3. Uthini ngendlela yokuziphatha yalesisebenzi sikahulumeni na? Kungenziwa njani ngalesisimo?

### *Ukubika UDaba EmaPhoyiseni*

UNomsa no Patrick sebeneminyaka engu-15 yobudala. Bangabangani abakhulu, babonakala njalo behamba ndawonye bezixoxela kukuhle kunjeya. Langalimbe babebobali futhi endlini kaNomusa emva kwesikole. Babehlezi kusofa besondeleni impela, dukuduku bazithola sebeqabulana. Khona lapho uPatrick wazithola esevukelwe esembambhanisa uNomusa. "Heyi sewenzani wena?" sekukhala uNomusa ngokwethuka. "Hayi, ungethuki wena, mazilime ziye etsheni," kwenanela uPatrick. "Ubungane bethu sebuqhubeke ngokwenele, sekufike isikhathi sokuba sizithokozise ngabo." "Phinde-ke! Ngeke ukubone lokho," kububula uNomusa. "Akufanele siziphathe kabi kanje ngoba sisebancane." Phezu kwalokho uPatrick wagcizelela ukuba baye ocansini. Nakuba uNomusa wazabalaza, nokho wehluleka ngoba uPatrick wamnqoba ngamandla wagibela phezu kwakhe. Ngalobobusuku uNomusa wasixoxela udadewabo lesisehlo. "Ngizwile ku-radio kukhulunywa ngalento," kusho udadewabo. "Kuthiwa, uma lokhu kwenzeka kufanele sibikele amaphoyisa ngokushesha." Basebenquma ukuthi yikho lokho ababezokwenza.

Ngakusasa uNomusa benodadewabo banikela khona epholisteshini. Iphoyisa labe seliyala uNomusa ukuba achaze konke okwenzekile ukusuka nokuhlala phambi kwabobonke abantu ababeme emgqeni beze ngezinye izindaba zabo. Wathi uma eyilanda sakunyenyeza indaba lase lithi makasho kakhulu kuzwakale. Wayesebahlalisa phansi bobabili ukuba balinde. Kwaze kwathi emva kwamahora amabili kwase kuvela elinye iphoyisa elababizela ehhovisi elincane, wabesethi uNomusa makalande futhi yonke indaba, angashiyi lutho. Wabe esembuza ngesankahlu, "Wenzani wena eyabanga ukuthi lensizwa ize ishiselwe yigazi? Wawungazi yini ukuthi uma umuntu wesilisa esefike kulelozinga uyehluleka ukuzibamba na?" Emva kwesikhathi semizuzu engama-20 semibuzo eshubile, uNomusa watshelwa ukuba abuyele kubo akhohlwe ngalesisehlo. Yena nodadewabo bashiya ipholisteshi zehla izinyembezi wukudumala. Kusukela lapho akabange esawuvula umlomo ngalendaba, engasafuni nakumbheka-nje uPatrick esikoleni. Ngenxa yokungalutholi usizo emaphoyiseni, konke kwaphelela lapho. Akekho owavakashela uNomusa kumbe ukumeluleka akuba ayobonana nabeluleki. Futhi isimo sakhe asibange sihlolwe nguNompilo njengoba kufanele.

*Imibuzo Yomzindlo*

1. Ubona kanjani wena ngendlela uPatrick aziphatha ngayo na?
2. Kuyiqiniso yini ukuthi nguNomusa owabangela "lensizwa ukuba ishubelwe yigazi" ize imphoqelele ocansini nayo? Chaza ngombono wakho kulokhu.
3. Uthini wena ngendlela amaphoyisa aziphatha ngayo kuloludaba na? Kufanele senzenjani uma iziphathimandla zenze-nje?

## 2. Lithini IBhayibheli Na?

📖 **Isaya 61:1-3** ***Ukuqinisekiswa kwabantu bakaNkulunkulu***

### Imibuzo Yokuzindla

1. Chaza ukuthi uqondani ngalokhu:-
   - "Ukuletha izindaba ezithokozisayo kwabacindezelekile"
   - "Ukushumayela inkululeko kwababoshiweyo"
   - "Ukuvulwa kwamatilongo"
   - "Ukududuza abalusizi /abalilayo"
   - "Ukubanika impilo kunokufa"
2. Sithini kuwe lesisifundo ngokunakekela ababulawa ngumashayabhuqe na?
3. Sithini lesisifundo ngezibopho zomphakathi kwabancane na?

### 🕮 UJakobe 2: 14-24 *Ukholo Olufakazelwa Yimisebenzi*

### Imibuzo Yokuzindla

1. Chaza kafushane, ngemfundiso yalesisahluko seBhayibheli.
2. Sifundo sini esisitholayo ngempilo yentsha yanamuhla?
3. Imiphakathi yamaKristo ingafundani kulamazwi ukuze yelekelele labo abangazithola sebenegciwane lengculazi na ?

## 3. Ithini Imfundiso YeBandla Na?

Lomzabalazo omusha ubhekiswe kuwowonke amaKristo. Encwadini emayelana nokuthuthukiswa kwabantu sakhuthaza bonke lapho sithi: "Abantu banesibopho sokuvuselela busha nokunakekela konke okusemhlabeni." Uma kungumsebenzi walabo abasezikhundleni zokwalusa eBandleni ukufundisa nokuchasisa mayelana nesilungo sokuziphatha kahle, kusho ukuthi kungumsebenzi wamakholwa onke ukuba, asukume ngenkuthalo ngaphandle kokulinda ukulawulwa afake umoya wobuKristo emqondweni, emasikweni, emithethweni nasezikhungweni zomphakathi abaphila kuwo.

Yilowo nayilowo makazihlolisise yena ukuthi usenzeni kuze kube yimanje, nokuthi yikuphi lapho igalelo lakhe lingafinyelela khona. Akwanele ukuthi kubuyekezwe imigomo, kwethulwe izinjongo, kukhonjwe lapho bungekho khona ubulungiswa, bese kwethulwa amazwi obuprofethi okugxeka nokungeneliseki kuphela. Wonke lawo mazwi ayophelelwa yisigqi nomgogodla uma engahambisani nokuzibophezela kwabantu ukusebenza ngokubambisana kulombhidlango wokulwa nomashayabhuqe. Kulula ukugxeka abanye ngokungabi nabo ubulungiswa, kodwa lokho kuyize leze uma yilowo nayilowo engakuboni ukubaluleka kwelakhe igalelo kulomzabalazo, nokuthi kubaluleke kangakanani ukuba umuntu aphenduke yena uqobo aphile impilo elungile. Lokhu kuzithoba yikona okuyokhulula abaningi ukuze kubanjiswane, kuphele ukucwasana nokudonselana emuva kulomsebenzi esibhekene nawo obukeka sengathi ungaphezu kwamandla ethu.

Octogesima Adveniens, # 48

### *Imibuzo Yokuzindla*

1. Chaza ukuthi uqondani ngalokhu okulandelayo:
   - "Yilowo nalowo makafake isandla kulombhidlango"
   - " Inselelo yayilowo nayilowo wukuphendula impilo yakhe"
2. Lemfundiso yeBandla isitshelani ngeqhaza lomphakathi ekunakekeleni abangenamandla na?

## 4. Kwakhiwa Busha Impilo Yethu

### *"Umzabalazo Wokulwa Nokuhlukumeza"*

Idlanzana labantu elingomakhelwane esifundazweni saseLimpompo, kwathi ngokuxhumana kwabo nomtholampilo wangakubo, bathola ukuqonda kangcono ukuthi umkhuba wokuhlukumeza ngokocansi wawusudlondlobele kangakanani endaweni yakubo: okubalwa imikhuba yokudlwengula, izinkulumo ezingcolile, ngisho nodlame lokushaya imbala. Ayike base begqugquzela nabanye abantu ukuba bahlanganyele nabo emizamweni yokuqeda lesisimo. Kwabunjwa iqembu elibizwa ngokuthi: "Abantu Abalwa Nokuhlukumeza." Amalungu aleliqembu ababela esiteshini samaphoyisa ukuyodingida loludaba nomphathi waso. Kwaboniswana ngesidingo sokuvula uhlaka oluzobhekelela lezindaba esiteshini samaphoyisa. Noma ngubani owayefika nodaba olunje, wayethunyelwa kuleliqembu ngokuphazima kweso. Abahlukumezekile babethola ukwalulekwa baphinde bathunyelwe ezizindeni zempilo. Babelekelelwa futhi ekwethuleni umbiko ozoyiswa emaphoyiseni, ekuvakasheleni udokotela wesiyingi, nasekuyeni ezinkantolo. Leliqembu lasungula futhi indawo ephephile eyayinemibhede emine base bebeka kulendawo amalunga athile okwelekelela. Ezinye zalezizindawo zingaphakathi esiteshini samaphoyisa ukuze kuvikelwe labo abangenayo indlela yokuphindela emakhaya abo bephephile.

### *Imibuzo Yokuzindla*

1. Kwenza muphi umehluko ukuba khona kweqembu "Labantu Abalwa Nokuhlukumeza" emphakathini wakulendawo na?
2. Uthini owakho umbono ngempendulo yomphathi wesiteshi samaphoyisa na ?
3. Ikhona yini enye indaba oyaziyo ngabantu abalekelela abahlukunyeziwe? Ake wabelane nabanye bombuthano wangakini.

## *Ukwelekelela Labo Abangakwazi Ukuzisiza Bona*

IsiGungu sababhekele uBulungiswa emphakathini, esontweni limbe, sathola ukuthi iningi labantwana abanengculazi, abanye babo abayizintandane, babengenayo ngisho inkeshezana nje yokudla ababekudinga. Izalukazi ezazibanakekela zazimpofu kakhulu ngakho-ke usizo lwazo lungafiki ndawo. Kanti futhi phakathi kwabo labantu abadala, kwakukhona abanye ababengenabo omazizi abaqondile, ngakho bengakwazi ukuthola imali yempesheni. Kanjalo lesisiGungu soBulungiswa sathatha isinqumo sokuthungatha leyomindeni eyayinoyedwa okungenani owayephethwe yingculazi, owayengathola imali yesondlo sabantwana, noma impesheni yasebekhulile nasebakhubazekile. Babe sebeqoqa amaphepha anamafomu okugcwaliswa ukuze kutholakale usizo, balekelela labantu ekuwagcwaliseni. Baphinda babaphelekezela bebayisa eMnyangweni weziNdaba zaseKhaya, nakwabazeNhlalakahle. Base baqikelelela futhi ukuthi konke kuhamba ngemfanelo, omabhalane ababakhohlisi abantu kuze kube luyatholakala usizo oludingekayo.

### *Imibuzo Yokuzindla*

1. Yimuphi umehluko obonakalayo owenziwa yilesiGungu sababhekele uBulungiswa emphakathini wakubo?
2. Yibuphi ubuchwepheshe obudingekayo ukuze umuntu akwazi ukudlulisela usizo olunjengalolu emphakathini na ?
3. Sikhona yini esinye isigigaba esifana nalesi osaziyo? Ake wabelane ngaso nabanye.

## 5. Umphakathi Uhlahla Eyaphambili

1. Hlanganisa abathile ePherishi yakini abazokhulumela izingane, ikakhulu ezigulisiwa yigciwane lengculazi, kanye nalezo eziyizintandane:
   - Zelekeleleni lezingane zibhalise yonke imininingwane edingekayo ukuze zithole imali yesondlo sazo, abadala bathole impesheni, kanye nabaphethwe yingculazi bathole imali yomxhaso. Kungenzeka, kudingeke ukuba nibatholele omazisi, izitifiketi zokuzalwa, njalo-njalo.
   - Khulumelani labantwana ukuba baye esikoleni, ikakhulukazi labo abayizintandane, abangenayo imali, inyunifomu yesikole, izincwadi, njll.
   - Phelezela umntwana aye kobhalisa ngokokuqala esikoleni.
   - Fakani ingcindezi emnyangweni wangakini wemfundo uma lomntwana bemchitha.
2. Khulumelani abantwana ukuthi umnyango wezenhlalakahle nokuthuthukiswa komphakathi uyazikhipha izijumbu zokudla kwezintandane kanye nabadala abanakekela izintandane.
3. Baphelezeleni abantwana abaneminyaka ephakathi kuka 1-7 uma beya emitholampilo ukuze bahlengwe mahhala.
4. Fundisani abesifazane nezingane ngamalungelo abo emthethweni wezwe.
5. Bumbani kwiParish yenu isikhungo solwazi nomthetho ukuze kwelekelelwe abampofu nabangenamandla.
6. Zaziseni eminyangweni ethile kahulumeni njengabalweli nabavikeli bamalungelo abampofu.
7. Qinisekisani ukuthi iminyango kahulumeni eqondene nalokhu iyaziphakela izikole ezihlwempu ngokudla okufanele.
8. Makwakhiwe izindlela ezithile zokukhumbula labo asebesishiyile ngenxa yengculazi, isibonelo:
   - Makwakhiwe indawo yesikhumbuzo lapho abantu bengabhala izincwadi eziya kwabalele (abangasekho).
   - Hlelani ithuba lokukhulekela abagulay nemindeni yabo.
   - Yakhani indwangu ehlotshisiwe, ibe nezikwele ezifakwe amagama abo bonke asebebulawe ingculazi.
9. Yikuphi futhi okunye, iqembu lakho elingaqhamuka nakho na?

## Isigcawu Sesithathu

# Ezokuxhumana

## 1. Zithini Izidingo Zobuntu

### *UJohane Nocansi*

uJohane oneminyaka engu-17 uyazihambela nje emgwaqeni ophithizelayo. Emxhakeni wakhe ufake ijazi lomkhwenyana (condom) alinikwe ngumngane wakhe. Uma ethi nhla, ubona isithombe esikhulu sezithandani zigonene ngokwevile. Inkomba-mazwi, ngakwesobunxele salesithombe ifundeka kanje: "Siye noma singayi ocansini na?"

UJohane emva kwalokho alibangise ekhaya ikhanda ligcwele imicabango. Uzizwa enesibindi sokukhuluma noyise ngezocansi. Kepha uyise amkhohlise ngobala-nje, athi uxinekile. Ngakusasa uJohane aphindele esikoleni lapho kwathi ngesikhathi sesifundo ngezocansi nokuziphatha watshelwa ukuthi: "Uma ufuna ukuya ocansini, ubosebenzisa ijazi lomkhwenyana."

Esadidekile enjalo, UJohane oyisikhonzi elathini waxoxa noFata wakhe eParish ngalendaba. Yena wamtshela ukuthi makalinde aze ashade ngaphambi kokuya ocansini. Ngokuhlwa kwalolosuku uJohane wahlangana nentombi yakhe uSuzy. Wayesephila nengciwane lengculazi uSuzy, nakuba ayengakaze amtshele uJohane. Wabe esetshela intombi yakhe ukuthi mabaye ocansini, enhliziyweni kugcwele umcabango wokuthi: "Yimpilo yami le. Ngizokwenza lokho engikufunayo ngayo. Futhi nje, noma ngubani uyaya ocansini-kanti futhi nanti ijazi lomkhwenyana nginalo."

*Imibuzo Yokuzindla*

1. Ungathini ngalesisithombe esabonwa nguJohane emgwaqweni na?
2. Yini ocabanga ukuthi yenza uyise kaJohane angathandi ukukhuluma naye ngezocansi?
3. Ngokubona kwakho ngabe uJohane wayixazulula yini inkinga yokudideka mayelana nezocansi? Ukube wawusesimweni sakhe wawuyokwenzenjani wena na?

### *Ucansi Njengamanje Noma Ngasemuva?*

UTom noNomsa basebevamile ukuya ocansini ndawonye. Ngelinye ilanga uTom, wafunda isikhangisi kwelinye lamaphephandaba eBandla eliKhatholika. Kwakumenywa abantu abasha ukuba bahlanganyele ohlelweni lokulungiswa nokuguqula indlela yokuziphatha empilweni. Wezwa enesifiso sokwethamela loluhlelo, nakuba wayengasiqondi isizathu salokho. Waxoxela omunye wothisha ngalesisimemo esikoleni, yena wahlelela bonke

abafundi ekilasini ukuba balwethamelele loluhlelo. Izikhulumi kuloluhlelo zagcizelela kakhulu ngobuhle bocansi, ikakhulu kulabo asebezahlukanisele impilo yabo yonke emshadweni. Kwacaca bha kuTom ukuthi yiwo lomyalezo ayelangazelele ukuwuzwa. Kodwa waxakeka-nje ukuthi uNomsa uzothini ngalokhu. "Kungenzeka angihleke?" ezibuza emangele. "Kumbe uzongitshele ukuthi angisendoda yalutho?" Esebuyele ekhaya, wazimisela ukuqunga isibindi ukumtshela uNomsa imizwa anayo. Ngokukhulu ukumangala lokhu, uNomsa watshela uTom ukuthi naye kade eyizwa lento enhliziyweni yakhe isikhathi eside.

Ekuxoxisaneni kwabo, bathola ukuthi babevumelana kokuningi. Empeleni, uNomsa wayengasaluthokozeli ucansi ngoba kwase kuyinto eyenzeka njalo, insakavukela umchilo wesidwaba. Naye uTom waphawula kanje: "Ngase ngicabanga ukuthi ukuya kwethu ocansini kuyimpoqo ngoba wena uyidinga, nakuba mina beyingasangigculisi. Inkinga kwakungukuthi bobabili babengaziniki ithuba lokuxoxisana nokujabulelana ngokuba ndawonye, nokwazana ngokujulileyo njengabantu. Okwakubusa emqondweni wabo wukududana nontanga yabo ababecabanga ukuthi abantu abasha kufanele bazitike ngocansi.

Namuhla uTom benoNomsa basahlangana izikhathi eziningana, ikakhulu nabangane ababona izinto ngeso elilodwa nabo. Ngezinye izikhathi bayazikhipha bayongcebeleka, bacule, baxoxelane izindatshana, bese beyobuka isithombe. Khathisimbe bazijabulise ngokwehla benyuka ezitolo ezidayisa ngengqephu nokunye, bajabulele umsindo nokuphithizela kwabantu. Ngokuvamile bagcina sebeziphuzela ikhofi noma bazidlele u-ice cream ndawonye.

Impilo ayikaze ibemnandi ngaleyandlela kuTom noNomsa. Kusobala ukuthi bayathuthuka ekwazaneni ngokupheleleyo. Banethemba lokuthi ngelinye ilanga bayoshada, lapho ucansi luyobe seluyingxenye-nje yezinto eziningi ezingathokozisa umuntu. Njalo uma bebambene ngezandla, uTom ubuka uNomsa ngqo emehlweni akhe akhazimula njengonyazi, abesethi: "Ngiyakubonga Nkulunkulu ngalesiyasikhangisi engasibona ephepheni!"

### *Imibuzo Yokuzindla*

1. Wukududana nabanye ontanga yabo okwadala uTom noNomsa badideke ngendlela ababeziphethe ngayo, baze babayiziggqila zocansi. Kungaba yinto evamile yini lena entsheni? Ngabe kunzima kangakanani ukuphuma kulobubugqila bokududana na?
2. Ucabangani ngesinqumo sikaTom benoNomsa ngempilo yabo?
3. Ake wakhe uhlu lwezinto abangazithokozisa ngazo abantu abasha uma bengathandi ukuya ocansini.

## 2. Lithini IBhayibheli Na?

🕮 **I-Eksodusi 2:23-25** ***Ukuhambisana Nabacindezelweyo***

### *Imibuzo Yokuzindla*

1. "UNkulunkulu wakuzwa ukukhala kwabo."

   Ngubani namuhla olalela labo abaguliswa yingculazi nesandulela sayo na?

2. Ungenzani umphakathi ngalemibiko eyindida ekhishwa ngabezindaba nokuxhumana?

## **Luke 10:25-37** ***UMsamariya Olungileyo uSindisa iMpilo Yomuntu***

### *Imibuzo Yokuzindla*

1. Ngokuvamile, amaJuda ayebaphatha kanjani abaseSamariya na?

   Phoke loMsamariya wamsizelani lona ongumJuda elimele na?

2. Ngubani umakhelwane wakho?

3. Sifundani kulendaba ngalabo abaguliswa yingculazi na?

## 3. Ithini Imfundiso YeBandla Na?

Siphila esikhathini esehlukile kakhulu kulesiya esingaphambili, njengoba sekwande kangaka manje ukusetshenziswa kwezindlela zokuxhumana ezazingekho esikhathini esedlule. Nokusatshalaliswa kweVangeli, ukushumayela, nokujuliswa kokholo kungephumelele ngaphandle kwalezindlela zokuxhumana ezikhona.

Uma lamasu nezindlela zokuxhumana kusetshenziselwa ukushumayela iVangeli likaKristo, Izwi likaNkulunkulu lingezwakala kangcono futhi lifinyelele kwizigidigidi zabantu ngendlela esheshayo. IBandla lingazithola linecala eNkosini yalo uma lingasebenzisi lezizinsiza-kufundisa eziya ngokuya zibangcono kakhulu kunakuqala. Ngenxa yazo, iBandla lingakwazi ukuma "phezu kwezindlu" lishumayele indaba ethokozisayo njengoba lingumlondolozi wayo. Kuzo lezizindlela iBandla lithola uhlobo olusha nolukhethekile lwe-pulpiti. Ngenxa yalamasu umbiko ufinyelela kalula kwabaningi.

Nakuba kunjalo kodwa lezizindlela zokuxhumana zinenselelo enkulu kulaba abashumayela iVangeli. Phela ngazo umyalezo weVangeli uswele ukufinyelela kwabaningi, nokuba ungene uhlaba wephukele kunembeza womuntu ngamunye, uhlale enhliziyweni yakhe kuze kube sengathi ngumyalezo oqondene naye ngqo. Kufanele umenze umuntu agcine esezinikele waze wazibophezela kukho konke ayikho nanakho.

*Evangelii Nuntiandi, # 45*

### *Imibuzo Yokuzindla*

1. **Usebenzisa maphi amazwi uPhapha uPaulus VI ekuncomeni abezindaba nezokuxhumana lapha na?**
2. **Iyiphi inselelo uPhapha ayivezayo ngokusetshenziswa kwalezindlela ezintsha zokuxhumana?**
3. **Ezokuxhumana zingasetshenziswa kanjani ngendlela ezosiza emsebenzini wokulwa nengculazi nesandulela sayo na?**

## 4. Kuvuselelwa Busha Impilo Yethu

### *U-Agnes Nenselelo Yegciwane Lengculazi*

Sekuphele iminyaka engu-9 u-Agnes oneminyaka engu-41 ephila negciwane lengculazi. Wathelelwa yindoda yakhe eshone eminyakeni engu-5 eyedlule ngenxa yephika eladalwa yingculazi. Nakuba eliKhatholika elivelele, u-Agnes akakaze axoxele muntu ngesimo sempilo yakhe. Wayesaba ngoba ecabanga ukuthi uzonqunywa emphakathini weBandla akulo. Ngokuhamba kwesikhathi waxoxela uSister Maria owayesebenza ngokuzikhandla epherishi. Nguyena uSister Maria owamtshela u-Agnes ukuthi akusiye yedwa owayenegciwane lapha epherishi. "Kungebe kuhle yini ukuba abanye benu bahlangane na?" kubeka yena uSister Maria. Kwathi ntambama ngolunye usuku, kwaqoqana omama abathile lapha, bezoziphungela itiye bashiyelane nangamazwi.

Nakuba babemadolonzima ekuqaleni, labomama bagcina sebebona ukuthi kuningi okwakubahlanganisa, ikakhulu ukuthunga, okuyiyonanto ehamba phambili kubo uma

kunezindaba ezidingidwayo. Lokhu kwabelekelela ekukhulumeni nangezifo ezibathintayo bonke. Kancane kancane babangabangani, baze bagcina sebelekelelana kokuningi.

Ngelinye ilanga u-Agnes wabeka umbono wakhe. "Kungabanjani uma sithunga sihlobise izindwangu zokwemboza, sinithe, senze neminye imikhiqizo eyenziwa ngezandla na? Uma sisebenza ngokubambisana, singagcina sesibatholile nabathengi." USr Maria waxhumana noNkosikazi Levy, owayephethe isitolo semikhiqizo yezandla endaweni. Yena wajabula kakhulu uma ezwa ngomsebenzi womama, waze wabacela ukuba bafake umkhiqizo wabo esitolo sakhe ukuze bawuthengisele khona. Nembala izivakashi eziningi eziphuma kwamanye amazwe, ezazidlula kuso lesisitolo, zawuthokozela kakhulu lomsebenzi womama okwakukhangiswa ngawo, zazize zigcine ngokuwuthenga zeneme kakhulu.

Manje emuva kweminyakana, u-Agnes akasaguli ngendlela etheni. Empeleni usezizwa ephilile. Uvame ukwelula izinyawo, ehla enyuka emgwaqweni njalo kusihlwa. Ngaphezu kwalokho, khona namuhla u-Agnes uthengisele owesifazane waseMelika indwangu ethungwe kahle, yahlotshiswa ngemibala enhlobonhlobo. Ngenxa yalokhu lona wesifazane wethembise u-Agnes ukumthengisela imikhiqizo yakhe kwesakhe isitolo samakhono kwelaseMelika. Namuhla u-Agnes nabangane bakhe, bakholelwa ekutheni impilo iyigugu elikhulu elidinga ukulondolozwa.

### Imibuzo Yokuzindla

1. Zilumbana kuphi lezizindaba, eka Agnes neka Johane?
2. Basizwa yini o-Agnes nabangane bakhe, okwenza bakwazi ukubhekana nesimo esasibacindezela sokugula kwabo na?
3. Ungawuchaza ngaliphi umsebenzi kaSr Mariya neqhaza lakhe kulendaba na?

## *USipho Nocansi*

USipho ubeseke waya ocansini izikhathi ezithile nentombi yakhe. Kuthe emva kwesikhashana behlukana, wabe esezihlalela yedwa. Akabange esayithola enye intombi, futhi waqala ukubona ukuthi okusempeleni akakudingi ukuya ocansini. Wazitholela abanye abangane besilisa nabesifazane. Kwakumthokozisa ukuba nabo, futhi impilo ihamba kahle.

Ngelinye ilanga wafunda esijobelelweni sephephandaba langalolosuku lawamazwi elotshwe ngaphakathi, "Khuluma Nathi." Ngaphandle kwakunesithombe sowesilisa nowesifazane bebambene. Lona wesilisa wayenqunu kusukela esinqeni kuyaphezulu. Ngokunjalo nalona wesifazane wayengagqokile okutheni kwesingenhla. "Kudela owaziyo ukuthi kugqokiwe yini kwesingezansi," kuzindla uSipho. Kusenjalo, esalifunda nje leliphephandaba, ebuka nezithombe, waqala ukuzizwa esevukelwe uSipho. "Konje bathi ijazi lomkhwenyana yilona elifanele ukusetshenziswa," washo ecabanga. "Kakade-nje bonke bayaya ocansini, futhi noma kuthiwani bayalujabulela!"

Kwaba ngukuqeda nje ukufunda lelophephandaba, wazizwa elufuna la ucansi uSipho. "Kodwa kona ngizolala nobani? Kangina'ntombi ngiyisishimane-nje, kepha futhi angifune kuphoqa muntu." Wayazi ukuthi agcwele kuphi amaluthandoda (abadayisa ngemizimba). Wabesenikela khona. Kwaba ngukufika wakhetha oyedwa, walala naye. Ngasemuva kwalokho wabe esevama ukugqigqa kulentokazi ukuze azitike ngesinene. "Kulungile," washo ezimisa isibindi. " Lena iyonandlela ezoqeda ukulangazela." Emva kweminyaka ethile wathola ukuthi unegciwane lengculazi. Ngenxa yokwesaba nokucasuka wazizwa eklabalasa ethi: "Yilo doti wesijobelelo sephephandaba!"

*Imibuzo Yokuzindla*

1. **Ubona kanjani wena? Yingani uSipho azizwa enelisekile ngempilo yakhe, emva kokuba esehlukene nentombi yakhe?**
2. **Chaza ngekusasa likaSipho emva kwezigigaba zakhe.**
3. **Yenza uhla lwezinto ezinjengamabhuku, namaphephandaba nokunye, okuholela intsha ukuba ilangazele ukuzwa ubumnandi bozocansi.**

## 5. Umphakathi Uzichabela Eyaphambili

1. Ake nixoxisane ngaloluhla lwamaphephandaba eBandla eliKhatholika:"Diocesan News", Southern Cross, Umafrika kanye namanye amaphephabhuku. Amaphepha-bhuku anjenga: "Trefoil", "Challenge", njll, emakilasini (emagunjini okufundela) kanye nalokho okufundiswayo ekhathekisimeni, emibuthanweni yabasha, nasemihlanganweni eyehlukehlukene yamakholwa.
   - Yini osuke wayifunda ezigcawini ezinje?
   - Ungayihlela kanjani imihlangano yokubonisana ngalezizinto?
2. KwiPherishi yakini, ningazithuthukisa kanjani ezokuxhumana nokuxoxisana ngendaba yengculazi nesandulela sayo na ?
3. Yiziphi izinhlelo zokuzithuthukisa ongafisa zisizane nePherishi yakini?
4. Bakhona yini abantu obaziyo abenza izinto ezilusizo ePherishi yakini na ?.
   - Ake wabelana nabahleli bamaphephandaba eBandla ngalezizinto.
5. Yimuphi umahluko osobala phakathi kokushiwo yiBandla nalokho okushiwo ngezinye izinhlaka zokuxhumana ezizenzela imali?
6. Lalela *iRadio Veritas* kwiShortwave 3.23 MHz kusukela ngo 6 kuya ku 9 zonke izinsuku ntambama, nango 12 kuya ku 1 ntambama ku 7.24 MHz ukuze uzizwele indaba ethokozisayo yeVangeli, uzizwele lokho okunganikezwa thuba elaneleyo kwi T.V. neRadio kulelizwe.
7. Mbono muni eningawuveza embuthanweni wenu ngalezizinto?

*Isigcawu Sesine*

# *Ukuziphephisa Ezifweni*

## 1. Zithini Izidingo Zobuntu

### *USally Nezifundo Zocansi*

Bababuhle kakhulu ubudlelwano phakathi kuka Sally noNina owayelokhu emfundise njalo ngezindaba zocansi. Lokhu ekwenza ngokulandela izigaba yokukhula komntanakhe. Kwakuqale kahle konke kusukela uSally eseneminyaka emihlanu kuphela. Wayelokhu evulekile noSally kunina, ngoba wayeze amxoxele nangokudlala kwakhe "umacashelana" nomfana oneminyaka eyisikhombisa. Leli kwaba yithuba elingungqayizivele lokufundisa uSally ngezindaba zocansi. Lokhu kuvuleka kwaqhubeka njalo ngesikhathi uSally ekhula.

Kodwa uthe eseneminyaka eyishumi nanhlanu uSally, waqala ukubona izinto ezithile ezingezinhle ngokuziphatha kukaYise. Njengomshayeli wetekisi, wayevamisile ukuthatha abantu besifazane, ayephuza nabo emashibhini aze agcine eye nabo ocansini. Njengoba ayeseqonda ngobungozi bengculazi, uSally wavezela unina isifuba ngokunganeliseki kwakhe ngoyise: "Mama, kungabe nawe uzothola ingculazi ufe na?"

Kuthe uSally eseneminyaka engu 16 wathandana nomfana ongumshayeli wamatekisi oneminyaka engu-20. Unina kaSally wamncenga ukuba angayi ocansini nalomfana. "Uma uya ocansini kodwa ubosebenzisa ijazi lomkhwenyana okungenani." Bavele baphela khona lapho ubudlelwano bukaSally nalowomuntu. Wabe eseqoma umfana alingana naye uSally. Njengoba babuqhubeka nokudlondlobala lobudlelwano babo, bavumelana ukuya kuhlolelwa igciwane lesandulela-ngculazi (HIV). uSally wathola ukuthi wayesenalo leligciwane, kanti isoka lakhe lalingenalo.

USally waxoxela unina nomndeni. Wayekudinga ukuxhaswa njengoba wayetshelwe ukuthi ngeke aphile ngaphezu kweminyaka emihlanu. Unina wambuza ukuthi: "Kwenzeke kanjani lokhu na? Angithi bewazi kahle ngengozi yokungaziphathi kahle? Wawazi futhi ukuthi ungazivikela kanjani kulomashayabhuqe na?" uSally wavuma ukuthi waya ocansini ngaphandle kwejazi lomkhwenyana. "Kodwa, wakwenzelani lokhu mntanami?" kubuza unina ekhathazekile. "Sakuphoqa yini isithandwa sakho?" "Cha, mama, akusiye, eqinisweni yena wayefuna ukulisebenzisa ijazi lomkhwenyana." Yimi engenqaba ngoba ngangifuna ukuzwa ucansi, "inyama enyameni." Njengamanje uSally nesoka lakhe baphila naleligciwane lesandulela-ngculazi. Yinye into ebaduduzayo, ngukuthi umntwana wabo wazalwa engenalo yena leligciwane.

### *Imibuzo Yokuzindla*

1. Ucabangani ngendlela abuka ngayo ucansi unina kaSally, kanye nokufundisa ngalo?
2. Nakuba ayenolwazi,eqonda konke, uSally wagcina esenalo igciwane lesandulela-ngculazi. Lokhu kwadalwa yini?
3. Iyiphi indlela ocabanga ukuthi ingcono ekufundiseni amajongosi nalabo abaqeda ukuthoma ngobungozi bokungaziphathi kahle kwezocansi na?

## *Angenza Njani U-Anna ?*

Wayeseqinile impela eminyakeni u-Anna, futhi ehlala kwiPherishi eseduze. Wafika ngelinye ilanga ezocela usizo kuSr Maria. "Indoda yami," etshela iSistela, "yiyo kuphela esengike ngaya nayo ocansini. Kodwa ubonakala esenenqwaba yezintombi. Uhamba amashibhi ebusuku, kwenye inkathi abuye kudabula ukusa. Ngiyazi ukuthi kangingedwa lapha kuye yize ngingakwazi ukusho utho. Uma ebuya eshibhini edakiwe njalo-nje, uyangishaya kwenye inkathi aphinde angidlwengule, ikakhulu uma ngenqaba ukuya naye ocansini. Nginovalo, kungenzeka ukuba usenegciwane lengculazi alithola kulaba besifazane. Baningi abakhuluma ngengculazi, manje ngiyesaba. Kodwa ayikho into engingayenza. Ngazama ngenye imini ukutshela indoda yami ukuthi masisebenzise ikhondomu, kodwa yangibhonya kakhulu kunakuqala.

Ngelinye ilanga ekhathazekile u-Anna waya kuFata wakhe eyocela usizo. Mhlawumbe angakhuluma nobaba wekhaya ukuze amvezele ingozi yalento ayenzayo. Hleze ubaba wekhaya angayeka ukungixhaphaza kanje. Kumbe uma kunguyena omchazela ngokubaluleka kokusebenzisa ijazi lomkhwenyana uzoqonda kangcono? Kepha uFata wansondo, wavele wanikina ikhanda, wamtshela ukuthi makagoduke, abekezelele umyeni wakhe, wunqamulezo lwakhe lolu! ISistela lashaqeka ukuzwa lokhu, lanquma ukulwethula ezithebeni zenkomfa yesifundabhishobhi loludaba. Umbhishobhi ezwa lokhu waphakama, wakhomba kuSister Maria ngomunwe wathi, "Tshela lowonkosikazi ukuthi makazidele, akwamukele njengomhlatshelo konke okumehlelayo. Makathobele indoda yakhe!"

Wayengasenantuba yokuphunyuka kulolugibe u-Anna. Kwacaca ukuthi alukho usizo ayengaluthola eBandleni lakhe. Wayengenamali nandlela yokuphila ngaphandle kwendoda yakhe. Naye uSr. Maria samcika lesisenzo sabaholi beBandla. Wathi ebona engenamandla okwenza okwenza lutho kulesisehlo, wanquma ukushiya phansi umsebenzi wepherishi.

### *Imibuzo Yokuzindla*

1. Bakhona yini abantu obaziyo abakesimweni esifana nesika-Anna na?
   Ake ukhulume ngabo ngaphandle kokudalula amagama abo.
2. Kungenziwa njani ngokwakho, ukuze u-Anna asizakale na?
3. Amphelela kuphi amandla uSr Maria ?
   Sewake wahlangabezana wena nesimo esinje? Kanjani?

## 2. Lithini Ibhayibheli Na?

📖 **Izaga 7:6-27** ***Isidingo sokwelulekwa nokufundiswa***

*Imibuzo Yokuzindla*

Ake nizindle buthule ngalemisho elandelayo, bese niphendula imibuzo engezansi:

- "Umlandela njengenkuzi iyohlatshwa"
- "Akazi ukuthi lento izomenza alahlekelwe yimpilo yakhe"
- "Iningi labahlukunyezwayo liyafojiswa"

1. Uphambuke kanjani endleleni lomfana na?
2. Yingani abesilisa nabesifazane banamhlanje belengela eweni lokufa na?
3. Bangaphephela kuphi ukuze belekelelwe baphinde bafundiswe ngendlela efanele na?

📖 **AbaseRoma 7:14-25** ***Ukuphelelwa ngamandla ebunzimeni***

*Imibuzo Yokuzindla*

"Kangiyiqondi indlela engiziphethe ngayo mina uqobo." UPaulus Ocwebileyo uzizwa edangele futhi engenamandla okwenza okulungileyo azimisele ukukwenza.

1. Unikeza siphi isizathu ngalokuphelelwa kwakhe ngamandla na?
2. Angenza njani ukuphunyuka kulokhu?
3. Singabhekana kanjani nokuzizwa siphelelwe ngamandla emsebenzini wokwalusa na?

## 3. Ithini Imfundiso YeBandla Na?

Impilo yoluntu lonke seyizulelwa ngamanqe ngenxa yokudlanga kukamashayabhuqe. Ngakho-ke kunesidingo esingqala sokuba izinhlangano nabo bonke abantu benze umfelandawonye ukunqanda ukusabalala kwalesisifo. Zimbili izinto ezidinga ukuqikelelwa kakhulu. Okokuqala wukufundisa nokwazisa umphakathi ukuze uqonde ngokupheleleyo mayelana nalesifo. Okwesibili ukuziphatha kahle mayelana nezocansi. Izinhlaka zomphakathi ikakhulukazi uhulumeni, zinesibopho sokunikeza ulwazi oludingekayo ngengculazi, ngokusabalala kwayo, kanye nezindlela zokuyigwema. Abantu ngokwabo banesibopho sokulifuna baze baluthole ulwazi olufaneleyo ngalesisifo, ngoba ukuyishaya indiva into eyingozi njengalena kuyisono.

Onjingalwazi kwezempilo kanye nohulumeni bagcizelela ukuthi makusetshenziswe ijazi lomkhwenyana njenganendlela yokuziphephisa engculazini nasekusabalaleni kwayo. Noma kunjalo, kungethenjelwe ejazini lomkhwenyana ngezikhathi zonke ngoba ngokuziphatha budedengu kwezocansi, iyohlala njalo ikhona ingozi yokuthola ingculazi. Ngaphezu kwalokho, uma kwanda umqondo wokuthi luphephile ucansi uma kusetshenziswa ijazi lomkhwenyana, kuzosabalala umyalezo ongaphephile kunokuba kunciphe isivinini sokushona kwabantu bebulawa yingculazi.

Yilowo nayilowo osenaso lesisifo sengculazi makazibophezele ekutheni angasidluliseli kwabanye ukuze singasabalali. Lokhu kuzosiza ukuba abantu bazijwayeze ukucabangela abanye nokubanakekela, kanye nokuzithiba kwezocansi.

Bese kuvele kucacisiwe ukuthi kubaluleke kangakanani ukuthi abashadileyo nabathandanayo bathembeke omunye komunye, ukuze kuvinjwe ukungena kwaleligciwane, kuphinde kunqandwe nokusabalala kwalo. Siyaphinda sithi kuyimpoqo ukuba abashadileyo nabathandanayo bathembeke ezifungweni zabo ngasosonke isikhathi. Kuyisono esikhulu ukungathembeki. Akukona-nje ukona lowomthandayo kuphela, kepha wukubeka impilo yakhe engozini futhi. Ukwethembeka kwabo bobabili kwezocansi, kuyayisusa ingozi yokuthola ingculazi.

*SACBC 1990.*

## 4. Kuvuselelwa Busha Impilo Yethu

### *Uhlelo Lokuguqulwa Kwezimilo*

Ezinganeni zesikole ezingaphezu kuka-50 zikaGrade 11, kwaba nguJoyce noThabiso kuphela abangenela uhlelo lwemfundiso yokuguqula izimilo entsheni eneminyaka eyishumi kuya ngaphezulu. Ukuze kugqugquzeleke kuphinde kukhokhelwe lezifundo, konke okwaxoxiswana ngakho kwaqoqelwa kwi-Video. Banxuswa ukuba bangayinaki i-camera baqhubeke nje nalokho abakwenzayo. Nakuba kwakunzima ekuqaleni, nokho bazebajwayela bagcina bengasamboni uSipho, owayethwebula. Njengabo bonke oJoyce benoTabiso balalela izinkulumo, baphendula imibuzo abayibuzwayo, babukela amakhasethi e-vidio, badlala imidlalo ethize yeshashalazi, babuye babuze nemibuzo. Akubathathanga sikhathi ukuba babone ukuthi luncane kangakanani ulwazi ababenalo ngezindaba zocansi. Loluhlelo ababelwethamele lwabenza babona isidingo sokuzibekela imigomo ethile, nokuba bazithathele izinqumo ezithile ngempilo yabo.

USipho wayengumthwebuli wezithombe onobuhlakani futhi ewenza ngokuzimisela nangenjabulo lomsebenzi wakhe. Wayekuthokozela ukuchazela intsha ngezinto ezithile zalomsebenzi wakhe. Yize kwakunjalo, wayeya ngokuya eba ngumuntu othula kakhulu

kulezizinsuku ezinhlanu. Obonayo wayengacabanga ukuthi wayenziwa yijoka lomsebenzi, kanti phinde ngemva kwesikhashana wakhuluma nomunye wabafundisayo, wathi: "Iyangithinta kakhulu yonke lento eyenzekayo lapha. Sebucace bha bonke ubuze bami ngezindaba zokuqoqwa kwesimilo. Impilo yami izoguquka kakhulu kusukela manje."

Ngakolwakhe uhlangothi uThabiso wakubeka kwacaca ukuthi wayeqala ngqa empilweni yakhe ukubuza noma yini ethinta ucansi kumuntu omdala kunaye, aphinde athole izimpendulo ezineqiniso lodwa. uJoyce yena wayeluthokozele lonke uhlelo, waze wathola ukwazana nabozakwabo esikoleni ngokujulile, ngoba yilowo nayilowo wayesenolwazi ngendlela okufanele baphathane ngayo. Nakuba kwakungemnandi ukugoduka kuye, wazizwa egcwele umfutho, okwamenza acobelele ngisho unina ngolwazi ayelutholile. Ngokwelekelelana nonina, babheka amaphepha ayebuye nawo, kanye nemibuzo eyayikuwo. Batshengisana nezimpendulo ezabe zinikeziwe. Ngenkulu injabulo, unina wathokozela imingcele ayezakhele yona empilweni umntanakhe. Kwamthokozisa kakhulu nokuvuleka kwakhe kuye. Babengakaze baxoxe ngaleyandlela ngezinto eziphathelene nocansi ngaphambili. Ngasona lesosisikhathi unina kaJoyce wabhalela bonke labo ababelethe loluhlelo ebabonga. "Bengilokhu ngitshela uJoyce ngezinto okumele azigweme," washo kanje. "Kepha manje nguye ozibekele imigomo ngempilo yakhe! Ngiyabonga kakhulu!" Bonke abafundisa esikoleni sikaJoyce babeneme kakhulu namhlanje ngezithelo ezinhle zaloluhlelo. Basho nokusho ukuthi sesiyindawo entsha manje lesikole ngoba konke kuguqukile. Uguquko yinto ebonakalayo ekuziphatheni kwabafundi.

## *Imibuzo Yokuzindla*

1. UJoyce walubonakalisa kanjani uguquko endleleni yokuziphatha ngemva kokuzuza ulwazi olusha na?
2. Yini, ngokucabanga kwakho, okwenza uSipho acabangisise kahle ngalokho ayekwenza empilweni yakhe?
3. Kulumbana kuphi ukuzinakekela kwezocansi nokuzinakekela empilweni uqobo na?

### *Intsha Esencane Ibhekana Nenselelo*

UMaria onguMhlengikazi nobelethisayo, waqala uhlelo lokufundisa ngezocansi njengamanje oselusabalele nalo lonke elaseCongo. Abantu nje abajwayelekile, baqeqeshelwa ukufundisa abasha nabadala emiphakathini abakuyo. Abakuqaphela kakhulu laba abafundisayo ukuthi eminyakeni emihlanu nje vo luqalile loluchungechunge lokufundisa abantu, sase singcono kakhulu isimo sezempilo emphakathini. Izifo ezithathelwana ngocansi zase zehle kakhulu entsheni, kanti nesibalo sentsha ekhulelwayo naso sasesehlile. Kwase kukhona nokuzihlonipha nje okugqamile entsheni yonkana, seyiziphethe ngendlela encomekayo ekhombisa ukuthi basebewazisa kakhulu amagugu ayisisekelo sempilo.

Enye yama-pherishi eyayilugqugquzela kakhulu loluhlelo eminyakeni eminingi, yabe seyinamalunga angu-35 angabaqeqeshi. Abafundisi bezenkolo basamangele ngenani elikhulu lezingane ezethamela izifundo nakuba zingeyona ingxenye yaleliBandla! "Kungani nifisa ukuba yingxenye yalezifundo?" Lo ngumbuzo owawuvamile. Impendulo ababelokhu beyithola yayimangaza futhi inikeza ugqozi: "Kuyasijabulisa ukubona indlela abaziphethe ngayo abafundi bakulendawo."

*Imibuzo Yokuzindla*

1. **Kukuphi ukulumbana phakathi kohlelo lokufundisa ngezocansi, nokuthuthukiswa kwezempilo emphakathini na?**
2. **Yini ngokucabanga kwakho, okwaholela ekwenyukeni kwezinga lokuziphatha kahle kulentsha esencane?**

## 5. Umphakathi Uhlahla Eyaphambili

1. Ake ugxile engxenyeni ethile yabantu:
   - Yiziphi izinhlelo ongaziveza ukuze kuqeqeshwe intsha eneminyaka ephakathi kuka-14 no 25? Yibo kanye laba abasengcupheni enkulu yokuthola igciwane lengculazi ngenxa yokuthi basuke besanda kuthomba, nokuthi abesifazane abasebasha basuke besenamandla amakhulu okuya enyangeni.
   - Bangasizwa kanjani abadala ukuba banikeze izingane zabo ukuba zikwazi ukuthatha izinqumo ezifaneleyo ngezocansi nangempilo yazo na?
2. Sebenzisa lezindatshana ezingenhla, ekugqugquzeleni ukubonisana, okungaholela intsha ekwenzeni izinqumo nemigomo efaneleyo mayelana nokuziphatha kahle.
3. Abantu nje bonkana abadala nabasha banethemba lokuguqula impilo yabo. Basize ukuba bame isibindi bazethembe baphokophele phambili kulowomgomo omuhle wokushintsha impilo yabo.
4. Yikuphi okunye lababantu osebenzisana nabo abangakuveza ezingxoxweni zabo nokungabasiza?

## Isigcawu Sesihlanu

# Isiko-Mpilo LeBandla

## 1. Zithini Izidingo Zobuntu

### *"Indoda Yami Inelungelo"*

Njengabo bonke abantu besifazane abaxhashazwayo ngabayeni babo, uGladys naye walethwa kulesikhungo sokukhoselisa nguSonhlalakahle. Wayehamba nabantwana bakhe abathathu, omunye oneminyaka emihlanu, omunye emithathu, kanye nonezinyanga eziyishumi nanye vo ezelwe. Nembala wayekhandlekile uGladys. Ihlo lakhe langakwesobunxele lalivuvukile, wayopha emhlane ngenxa yemivimbo kanti namabele akhe ayenezibazi zokushiswa ngogwayi. Kwaphinde kwatholakala futhi ukuthi wayenengculazi. Ngamamukela esikhungweni, sabe sesiqala ngokupha abantwana ukudla, sashintsha lona omncane inabukeni, sabe sesimbeka endaweni yakhe yokulala. Emva kokwenza itiye, sabe sesihlala phansi sazixoxela nje.

Ngambuza uGladys ukuthi sesiside kangakanani isikhathi imshaya futhi imxhaphaza lendoda yakhe. "Hawu, sesiside kakhulu," washo ephendula. "Nangaphambili nje kokuba sishade." "Wahlalelani naye pho isikhathi eside kangaka?"ngambuza. "Akukho lapho ngangizoya khona" sekusho yena. "Ukuba ngake ngabuyela ekhaya babezongiphindisela emuva bethi, 'indawo yakho isendodeni yakho.' Phela ngalotsholwa mina, ngakho-ke kufanele indoda yenze ekuthandayo ngami." Wabe eseqhubeka ethi: "Ngelinye ilanga ngaxoxisana noFata wami ngalesosimo." "Wathini yena?" sekubuza mina. "Wathi mangikhuleke kuJesu ukuze aguqule ukwenza komyeni wami. Uyabona-ke, neBhayibheli imbala lithi 'uNkosikazi makathobele indoda yakhe.' Kusobala-ke ukuthi inelungelo lokwenza ekuthandayo."

*Imibuzo Yokuzindla*

1. Kungabe indoda kaGladys inalo yini ilungelo lokwenza ekuthandayo kuye na? Nikeza isizathu salokho okushoyo.
2. Uthini ngempendulo kaFata kulesisimo?
3. Umele makenze njani uGladys kusuka manje?

### *Indaba KaFata Luke*

NginguMpriste. Langalimbe ngangihleli nabanye abapriste ababili sibuka izindaba kumabona-kude. Isihloko esithile lapha ezindabeni saholela ekutheni sigcine sesixoxa ngezinto ezibuhlungu esasinazo ngenxa yabaningi ababeguliswa yingculazi. Sazithola siphelelwe ngamandla nethemba ngoba sasingazi ukuthi yini esingayenza ekunqandeni ukubhebhetheka kwalomashayabhuqe. Kwaphela isikhashana uFata Luke ethule.

Kwakubonakala sengathi ulalele thina. Kuthe kusuka kwakubonakala ukuthi usehluthukile. Khona manjalo wavele washo ngelikhulu izwi, "Ake nithule! Ngiyekeni phansi mina! Sengikhathele ukuzwa ngengculazi nabantu abafa ubuthaphuthaphu okwezimpukane lapha eduze kwami. Empeleni, sengiyeke phansi ukukhuluma nokushumayela ngokuziphatha kahle kwezocansi, ngengculazi nangejazi lomkhwenyana. Angazi-nje ukuthi umuntu angathini manje. Ulusha alulaleli, eqinisweni, alunandaba nemfundiso yeBandla. Bayasihleka, besho nokuthi asiqondi ngempilo yamanje. Akekho nje osasilalela. Kubukeka sengathi abantu sebekhetha ukuzibhubhisa." Ngazizwa ngikhathazekile ngoFata Luke, nangakho konke nje abanye bethu eBandleni abakwenzayo-noma abangakwenzi- mayelana nokusiza abantu bakithi kulesisimo esishaqisayo.

*Imibuzo Yokuzindla*

1. Yini le edala ukushabalala kwethemba uma kubhekenwe nomashayabhuqe na?
2. Kungabe uzizwa ufana noFata Luke nawe na? Yini edala lokho? Uma uzizwa wahlukile kuye, chaza ukuthi lokho kudalwa yini.

## 2. Lithini Ibhayibheli Na?

### 📖 Luke 7:11-17 *Ukuba nozwela kwabanye abantu*

*Imibuzo Yokuzindla*

1. Ake uzindle buthule ngalemisho elandelayo:-
   * "Waba nozwela kuye lowesifazane"
   * "Ungakhali"
   * "UJesu wamedlulisela kunina"
2. Singenzani njengomphakathi ukuzwela njengoJesu kulabo abakhahlanyezwe yingculazi?

### 📖 Johane 8:1-11 *Mayelana nokungahluleli muntu*

*Imibuzo Yokuzindla*

1. Ithini impendulo kaJesu kubantu abasebehlome bephelele ukuze baphohloze lo wesifazane ngamatshe njengoba wayebanjwe oqotsheni ephinga na? Wakwenzelani lokhu?
2. Wena njengomlandeli kaJesu ubabheka ngaso lini abaguliswa yingculazi na?
3. Lendlela obabuka ngayo ungayisebenzisa kanjani esimweni sababhuqwabhuqwa yingculazi na?

## 3. Ithini Imfundiso YeBandla Na?

Kuyini kuziphatha kahle na? Ngabe kusho ukuphuphutheka, umuntu alandele njengempumputhe lokho atshelwa khona? Noma kusho ukudlelana nokuphathana kahle nabanye, sibanakekele nasezidingweni zabo na? Uma kunjalo-ke kubalulekile ukuba nesineke nokuzinikela ukusiza abanye nokubaqonda kangcono, kunokuba umuntu eneliswe wukugcina umthetho. Ukudlanga kwengculazi akuvezi kuphela ukwanda kwezono zocansi, kepha okubaluleke kakhulu futhi ukuphela kothando nokunakekela labo abuguliswa yileligciwane.

Kumele sithuthuke ekuqondeni kangcono isilungo sokuziphatha kahle, bese siphile ngaleyondlela. Ukukhula ngalendlela kudlula ezigabeni ezithile. Mhlawumbe, ngenxa yalesisifo uNkulunkulu ufuna ukuba sifunde ukunakekelana, sisize labo abalengele ekufeni sibanakekele, ukuze bakwazi ukujabulela isipho sempilo. Ingculazi ayisweli ukusikhinyabeza, kumbe sitheneke amandla. Qhabo, leli yithuba elihle elivela kuNkulunkulu lokuzikhulisa thina uqobo ekuziqoqeni isimilo, nasekukhuleni kwezomoya. Masilisebenzise lelithuba, sizihlolisise busha ulwazi lwethu ngesono nangokuziphatha kahle. Ngakho-ke, ukusabalala kwaleligciwane kuyinselelo yokuba kubanjiswane emsebenzini wokwalusa.

*SACBC, 1990*

### *Imibuzo Yokuzindla*

1. **Abelusi beBandla bachaza ngebizelo lamaKristo ukuba akhule aze avuthwe esilungweni sokuziphatha kahle ukuze abhekane nalenkinga. Ngawakho amazwi ungayichaza kanjani lendaba?**
2. **Ngaphandle kokunakekela labo abagulayo, ukusabalala kwengculazi kusinika yiphi inselelo na?**

## 4. Kwakhiwa Busha Impilo Yethu

### *Umafavuke Onjengedangabane*

UMaria owayekhulele emakhaya, futhi ezalwa emndenini webhunu elalikholwa eBandleni leDutch Reformed, elingaqhezuki emibonweni yontamolukhuni kwezenkolo, futhi elingagqiziqakala nje ngezinguquko kwezombusazwe. Phezu kwalemfundiso yesandla esiqinile, uMaria wazithola eseqhezukile kuleyofundiso. Wathi efinyelela eminyakeni engamashumi amabili yobudala, wayesengene-ntshi kwezocansi. Emva kokuba ezwe ngengculazi, wababela lapho ayezohlolwa khona igazi, kanti uzothola ukuthi usenalo igciwane layo. Lahlaba lephukela kuye, kwahlwa emini engazi ukuthi uzothathani ahlanganise nani, ngoba wayengazange ayithi vu lendaba, emalungeni omndeni wakhe nakubangani, ngenxa yokwesaba ukujeziswa yiBandla lakhe. Waze waqoma ukulifulathela ikhaya walibangisa eGoli. Ekufikeni kwakhe eGoli, wathola umsebenzi, wathola nabangani abasha. Wayeyilokhu ephuma engena ezinkonzweni ezahluka-hlukene.

Kwahamba kwahamba, uMaria waphendukela eBandleni eliKhatholilka. Ayike bamamukela kahle nasepherishi ayesonta kuyo. Wayesebuyelwe yinjabulo eyayikade seyishabalele. Ngolunye usuku wabona isikhangisi somsebenzi ehhovisi

lesifundabhishobhi eliqondene nengculazi. "Ngikwazi ngeyami impilo uqobo, okudingwa yilomsebenzi," wazitshela lokhu enhliziyweni yakhe. "Kodwa kangazi noma bazongiqasha yini." Wabesethatha isinqumo sokufaka isicelo salomsebenzi. Nakuba wayengabaza nokho wazimisela ukubhekana nesimo sakhe ngobuqotho. Ngokukhulu ukumangala, futhi egcwele nenjabulo, isicelo sakhe semukelela. Ngokokuqala ngqa wadalula ukuthi uphila negciwane lengculazi, futhi waphatheka kahle ngalokho. Yikho lokhu okwamsiza ukuba athole nomsebenzi.

Kusukela ngalesosikhathi uMaria wasebenza ngenkuthalo nalabo asebehlaselwe yileligciwane, nalabo ababehlukumezekile ngenxa yokuhlaselwa kwabo ngabathile emndenini nasemphakathini. Ubukhona buka Maria eduzane nalabo ababedinga ukunakekelwa kwenza omkhulu umehluko. UMaria wayengabaniki-nje ulwazi abantu, kepha nethemba, lokubuka izinto ngendlela eyakhayo, kanye nokujula ezintweni zikamoya. Namuhla uMaria uhlela imibuthano yezimvuselelo kulabo abanakekela iziguli zengculazi abuye alekelele kakhulu ekulweni nokusabalala kwengculazi. Kulesisimo uMaria uzizwa enelisekile futhi unokwethaba okukhulu ngomsebenzi nangempilo akuyo.

### *Imibuzo Yokuzindla*

1. Yini uma ucabanga, eyadala ukuthi uMaria angene athi ntshi ocansini kwakhona ekuqaleni?
2. Ukuba ubungumqashi, wawungamnika yini uMaria lomsebenzi? Ngasizathu sini na?
3. Chaza ngalokho okuqondayo ngoMaria enikela abadingayo:
   - Ithemba
   - Ukubuka izinto ngendlela eyakhayo nephilisayo
   - Ukujula kwezikamoya.

## ***Ukuzinikela Ekusizeni Abanye***

Ngesikhathi uSister Anna eshintshelwa eGoli, washaqeka ebona abesifazane abaningi kangakaya ngisho namantombazanyana bethengisa ngemizimba yabo emigwaqeni yedolobha. USister Anna wavele wazitshela ukuthi ngeke nje ahlale agoqe izandla izinto zonakele kanje. Noma kuthiwani kwakufanele enze okuthile. Okokuqala, wasebenza namalunga e-Salvation Army (Ibutho Losindiso) ababezama ukuxhumana nabesifazane, ngokubashumayeza ngenhloso yokubaphendula. Emva kwalokho, amalunga alenkolo amcela uSr. Anna ukuba ashiye phansi angasebenzisani nabo ngoba babengaboni izinto ngaso linye. Wasuka lapho wazisungulela olwakhe uhlelo lokusiza labantu olubizwa ngokuthi "Isizinda Sabesifazane." Kubantu ayezosebenzisana nabo kwakukhona, uSonhlalakahle owayengumeluleki ezindabeni zengculazi negciwane layo, kanye nabobonke ababezimisele ukusebenzisana naye.

Namuhla lababantu basebenza ngokuzikhandla, baze bayofinyelela emahotela aseHillbrow nase Berea bexhumana nesimame namantombazanyana. Bayaxoxisana nabo babamemele nasesikhungweni sabo ukuze babacebise, babeluleke, baphinde babasize ekuphumeni kulolutaku, bayeke nokudayisa ngemizimba ngoba lokho kuzobangenisa

engozini. Abaningi kulabomame namantombazane sebenegciwane lengculazi. Abanye bayizigqila zotshwala nezidakamizwa. Ngenxa yokudlanga kobugebengu, abanye babo bayesaba ukubuyela eHillbrow naseBerea ebusuku. Phezu kokuba kunjalo, bamelwe ukuthola imali ukuze baphile. Kuze kube yimanje, kodwa bayazi ukuthi uSr Anna unabo kukho konke, ebambisene nalabo abazinikele ekubasizeni ezinsweleni zabo.

*Imibuzo Yokuzindla*

1. **Uthini ngendlela abasebenza ngayo abeSalvation Army kulendaba?**
2. **Ukhona yini umehluko owenziwa nguSr Anna neqembu lakhe kulenkinga, noma bazichithela isikhathi nje? Chaza ngempendulo yakho.**

## 5. Umphakathi Uchaba Eyaphambili

1. Hlwayani nitholele indawo ephephile lapho abesifazane abahlukunyeziwe, bengaphephela khona.
2. Hlanganisani amalunga athile epherishi, azobandakanya nabesilisa, abanganikeza usizo kwabahlukunyeziwe nabanukubeziweyo.
   - Hloboluni lokuqeqeshwa abaludingayo?
   - Bangalutholaphi lolusizo na?
3. Kungenziwanjani ukulwisana nemizwa yokuphelelwa ngamandla kwabaningi, ezinkingeni ababhekene nazo na?
4. Ningenzani ukuqeda isigcwagcwa esikubantu abaphila nengculazi ukuze bangakhishwa inyumbazane na ? Hlanganisani amakholwa, ukuze ayekothola izeluleko nokuhlolwa behlolelwa igciwane lengculazi.
5. Yakhani uhlelo lokugqugquzela ukuvuselelwa kwezimilo nokuzibophezelela ngokuthe xaxa ekwethembekeni. Yini engenziwa ekuphumeleliseni loluhlelo na?
6. Hlelani imvuselelo ngempelasonto ukunakekela labo abagulela emakhaya ngenxa yengculazi.
7. Yikuphi okunye eningakujobelela nalabo enisebenzisana nabo na?

*Isigcawu Sesithupha*

# *Ubulili*

## 1. Izidingo Zobuntu Bethu

### *Indla-Bethule: "Umkhuba Wobaba Bokufika" (Bezodung'imizi)*

Kwase kuqhubeke isikhashana engezi esikoleni uMpogeng. Kuthe ngolunye usuku waqhamuka esikoleni ebelethe umntwana womfana. UThuli, ongomunye wothisha wambuza uMpogeng ngalengane ayibelethe, ngoba kwakuyisimo esixakayo lesi. Nakuba wayethanda ukuqhubeka nezifundo zakhe, kwabanzima kakhulu kuMpogeng njengoba wayengazi muntu ongamphathela umntanakhe. Nobuso bakhe babugcwele ukwesaba nokuphelelwa yisithunzi. Wayengafuni nokuzwa nje ngemibuzo ephenya ngalomntwana, okwenza ukuthi kumthathe isikhathi eside noThuli ukuba aze athole ulwazi ngaye. Kwavele kwacaca ukuthi uyise wokufika kaMpogeng wayesenesikhathi eside ezitika ngocansi lapha kumntanakhe. Eqinisweni, kwavela obala ukuthi kwakunguye ubaba walengane esemhlane. "Kodwa, akumina ngedwa" kusho uMpogeng ngamazwi okuzivikela.

Emva kwesikhashana, uThuli wacela omunye wabafundi ukuba enze ucwaningo ngezinga lokuhlukunyezwa kuwo wonke amany'amantombazane. Ekugcineni kwatholakala ukuthi emantombazaneni angu-226 okwenziwa kuwo ucwaningo, angu-29 ayenukubezwa ngokocansi kuphindelelwa. Amanye amaningi ayedlwenguliwe, imvamisa lokhu kwenziwa ngoyise bokufika, bezodung'imizi abangene kuyo. Empeleni lokhu kwasekungumkhuba ovamile kangangokuthi amantombazane amaningi imbala ayesekwamukele "njengesiko," ukuthi uyihlo wokufika ngoba engakuzali unelungelo lokuzitika ngawe ngokocansi. Ngenxa yalesisimo, nasegunjini lokufundela lamantombazane ayebonakala eyimithothongo-nje, ehlala ebhocobele. Ayikho into ababengaziqhenya ngayo njengabantu. Babezenyeza lingasekho ithemba lempilo engcono kusasa. Kodwa nakuba kunjalo, akukho namunye kuwo owake wabikela abaphathi besikole ngaloludaba.

*Imibuzo Yokuzindla*

1. Kufikani kuwe ngoMpogeng?
2. Ucabanga ukuthi uThuli walenziswa yini lolucwaningo emantombazaneni na?
3. Uyavumelana yini noThuli, nemiphumela yocwaningo lwakhe, ukuthi amantombazane amaningi ayaxhashazwa aphinde anukubezwe ngocansi emakhaya aphuma kuwo na? Nikeza isizathu ngempendulo yakho.

### *Mangithi Maluju Yini Na ?*

Ngingumeluleki wabashadileyo. Siningi isikhathi engisisebenzisa nalabo abanezinkinga emishadweni yabo. Njalo uma bethulula izingxaki zabo kimi, ngiyaye ngilale ngizwe ngokuhlukumezana kwabo kulobobudlelwane babo. Nakuba yileso naleso simo sehlukile kwezinye nangendlela esichazwa ngayo, ukulumbana kwezinto kudalwa ngukwehluleka kwabashadikazi ukuxazulula izinkinga ezidalwa ngukwehlukana kwemibono yabo, ngingasayiphathi-ke eyokuhlalisana kahle. Emasikweni ezizwe eziningi abesilisa bangondlovu kayiphendulwa emizini yabo.

Kodwa umcabango onjalo kawusasebenzi namuhla. Abesifazane abaningi sebezimele vele ngasezimalini ngenxa ayamaholo abawatholayo. Abaningi bafunde bawedlula amadoda abo, kanti futhi kukhona nalabo abahola ngaphezu kwawo. Abanye kulabo mame baze basho nokusho ukuthi kungcono kakhulu ukungashadi ukuze umuntu azimele ngokupheleleyo. Ngenxa yalokhu, sekuya ngokuya kwamukeleka nje emphakathini ukuthola abantwana benomzali oyedwa ongumama ozihlalela nabantabakhe kuphela. Emadodeni kodwa lenselelo yokuzimela kwabesifazane iletha itwetwe. Lenselelo iqhamuke bengazelele, futhi kwabaningi kunzima ukuyamukela. Ngenxa yalesosizathu amadoda amaningi ashiya phansi ukuba 'abanumzane nobaba' bamakhaya abo. Abanye bayalwa kanzima bezama ukubuyisela isithunzi sabo. Kukhona nabanye abasebenzisa impoqo nodlame imbala. Umphumela obonakalayo ke walokhu namuhla ngukuhlukunyezwa nokunukubezwa kwabantu besifazane. Nakuba kunjalo nokho iningi labesifazane lisalokhu lizinikele ngokuzibeka ngaphansi kwentando yabayeni babo. Ayike, njengomphakathi asikakalitholi ikhambi eliyokwakha ubudlelwano nokubambisana okuhle phakathi kwabesilisa nabesifazane emshadweni.

*Imibuzo Yokuzindla*

"Alikatholakali ikhambi lobudlelwane phakathi kowesilisa nowesifazane"

1. UYavumelana yini nalomusho ongenhla na ? Nikeza isizathu ngempendulo yakho.
2. Ukulingana okufanele phakathi kwendoda nenkosikazi yayo, ungabuchaza ngamaphi amazwi?
3. Uyavumelana yini nokuthi udlame lwasemakhaya ludalwa yilokhu kungalingani na? Uvelaphi umcabango onjalo na?
4. Uthini umbono wakho ngemindeni enomzali ngamunye na?

## 2. Lithini IBhayibheli Na?

📖 **Ezekiel 34:1-16** ***Ukuxhaphaza sekuqedwe ngubuholi obunakekelayo***

*Imibuzo Yokuzindla*

1. Kukuphi lapho abaholi besizwe sikaNkulunkulu behluleka khona emsebenzini wabo ngesikhathi somphrofethe u-Ezekhiya?
2. Kungani abesifazane abaningi, ikakhulu labo abaphethwe yingculazi, bezizwa bebandlululekile namuhla?
3. Zikhona yini izigameko ezifana nalesi osuke wazibona emphakathini wakithi na? Ake wabelane nabanye ngazo.

📖 **Abase Galathiya 3:26-29** ***Mayelana nobuzalwane obulinganayo***

*Imibuzo Yokuzindla*

1. Sikuphi isisekelo nemvelaphi yokulingana kwamaKristo na?
2. Yingani kuphambene nemfundiso kaKristo ukucwasa nokubandlulula abesifazane?
3. Yiziphi izindlela ezenza ukuba abesifazane abaphethwe yingculazi bahlukumezeke ngokwedlulele kunabesilisa na?

## 3. Ithini Imfundiso YeBandla Na?

Singalimisa ngembaba elokuthi ukubandlululwa kwabesifazane kuphambene nentando kaKristo. Kuyiqiniso elimsulwa ukuthi ububi bokucwasa abanye abantu ngokobulili esingakuchaza ngokuthi "ubandlululo olwakhelwe phezu kobulili" kusekhona nanamuhla kwamanye amalunga eBandla. Akwemukeleki lokhu futhi kuswele makuqashelwe kungakapakeli emfundisweni nasenkambisweni yeBandla. Nangokunjalo, siyayichitha nemibono nomoya wokulwa ogcizelela ngolaka nangehaba isimo sabesifazane kuze kuphele umoya wokubonisana, kuxatshanwe eBandleni. Siyazinikela ngokuphelele, ngamazwi nangezenzo, ekushumayeleni ukulingana kwabo bonke abantu, besilisa nabesifazane.

*U.S. Catholic Conference,1994.*

Mayelana nombhidlango wokukhululwa kwabantu besifazane kuzona zonke izindlela zokuxhashazwa nokucindezelwa, iVangeli linomyalezo obalulekile nodinga ukuhlonishwa ngazo zonke izikhathi. Lomyalezo uthathiselwe emfundisweni kaJesu Kristo uqobo. Nakuba kwakunemithetho nenkambiso yamasiko akubo eyayibandlulula ngokobulili, nokho uJesu waphatha abesifazane ngenhlonipho, wabemukela ngezandla ezifudumeleyo. Ngokwenza njalo wahlonipha isithunzi ababevele benaso kusukela ekuqaleni, njengoba wayehlelile uNkulunkulu ngothando lwakhe. Njengoba sibheke kuKristo ekupheleni kwalenkulungwane yesibili onyakeni weNkosi, kuhle ukuzibuza lombuzo: kukho konke esesikuzwile ngomyalezo kaKristo kungakanani esesiphumelele ukukwenza na?

*Pope John Paul II :* Umbiko Wabesifazane.

*Imibuzo Yokuzindla*

1. Kwenziwa yini ukuba ukucwasa ngokobulili kutholakale nanamuhla emalungeni athile eBandla na?
2. Ithini eyakho impendulo yombuzo kaPhapha mayelana nokuhlonipha isithunzi sabantu besifazane, lapho ethi: "Kukho konke esesikuzwile ngomyalezo kaKristo, kungakanani esesiphumelele ukukwenza na?"

## 4. Ukuvuselelwa Busha Impilo Yethu

"Sengizizwa Ngingumuntu Ophelele Manje"

UThembi wafunda ngokuzikhandla esikoleni waze wawuthola umatikuletsheni. Esuka lapho walibangisa esikoleni semfundo ephakeme lapho aqeqeshelwa khona ukufundisa, okungumsebenzi ayewuthanda futhi ewenza ngempumelelo. Emva kwesikhashana wathandana nomshayeli weloli. Babekhathazekile abazali bakhe ngalobudlelwano bakhe naloluhlobo olunje lomuntu. Bameluleka ukuthi angashadi nalomuntu, kepha uThembi waphikelela. Bathola abantwana abane, yize noma ababili bashona besebancane. Indoda yaqala ukuphuza utshwala futhi seyivame nokumshaya kaningana. Wayengamniki ngisho imali, nakuba yena uThembi ayeyinikeza isheke lakhe nyangazonke indoda , ngoba wayecabanga ukuthi yisiko lasemshadweni.

Akuthathanga sikhathi, indoda yaphelelwa ngumsebenzi. Kaningi-ningi ukuphuza kwakhe kwakumenza ehluleke ngukushayela, futhi kwamdonsela izifo eziningi. Ekhaya kwase kuphilwa ngeholo likaThembi kuphela. Wayekhule azi ukuthi kuyabekezelwa emshadweni "kukuhle noma kukubi." Kuhambe kwahamba waze wathola amandla ngokuzibandakanya nabanye emphakathini weBandla. Waqeqeshwa njengomeluleki wezempilo. Imfundo yakhe nolwazi ayeselutholile kwamsiza ukuba aqonde ukuthi wayenelungelo lokuphila impilo ehloniphekile nenesithunzi kanye nabantabakhe. Nokuthi imali ayeyihola kwakungeyakhe, futhi wayengaboshiwe ukuyiyisa kumyeni wakhe. Ngelinye ilanga wavuka wama ngezinyawo, wanquma ukuthi uzoba ngumuntu opheleleyo manje.

Wayibuza indoda yakhe lombuzo: "Bewukuphi sonke lesisikhathi kade mina nabantwana sikudinga kangaka na? Kuze kube manje yimizamo nokuzikhandla kwami okusimamise lomndeni. Kodwa manje sengiyazi ukuthi ngingubani. Ngeke usangenza lutho." Kusobala ukuthi ngokusiza abanye ukuba banqobe izimo ezazibathena amandla, uThembi wayezihlomisile waphinde wazihlumelelisa amandla yena uqobo. Manje wayesenenkululeko nasemphefumulweni ukuphila impilo ayezikhethele yona.

*Imibuzo Yokuzindla*

1. Uyibuka kanjani indaba kaThembi enikeza indoda yakhe wonke umholo wakhe na?
2. Kungabe uThembi "usengumuntu ophelele" noma uzicabangela yena, unobunqonqela?
3. Ake uqhathanise impilo yalezizingane zikaThembi, kusukela ngesikhathi iqala lendaba kuze kube sekupheleni.

## *Ukubaluleka Kwemfundo*

UMaya ungowokuzalwa eMpumalanga koloni. Akazange amazi uyise kanti nonina wagcina ukumuzwa ngendaba ayeyixoxelwa ngugogo wakhe okunguye omkhulisile. Asakukhumbula nje, yingesikhathi uninakhulu elele emva kokweqiwa yizinkamba, yena elambile eme lena emsamo wendlu yotshani eyayingenazo ngisho nezimpahla kuyo.

Nakuba wayephila kanzima, nokho wayesithanda isikole uMaya. Kwakumthokozisa ukuba nabangane bakhe, kanjalo nokuthola ulwazi. Wayazi kahle kamhlophe ukuthi amabhuku aqukethe ni, kangangoba wayezitika nanganoma yiluphi ulwazi olusha alutholayo. Wathi lapho eqeda imfundo yakhe yamabanga aphansi, umhloli watshela uthishanhloko wakhe ukuthi ubukeka enesipho esikhulu emfundweni lomntwana. Ngakho-ke wakhuthaza uthishanhloko kaMaya ukuthi amelekelele kulomkhakha. Kodwa emva kokuba esebone isimo sasekhaya likaMaya, nguye uqobo umhloli owamkhokhela imali yokufunda esikoleni esisedolobheni eliseduze kwakubo. Izincwadi zesikole zaziyilokhu zingabangani bakhe abangaconsi phansi, kangangoba wathi eseqede izifundo zebanga lesishiyagalombili, waya koqeqeshwa njengomhlengikazi. Kanti uzothandana nensizwa yokholo lwamaSulumane, akhulelwe. Babesebeyashada njalo. Bathola izingane ezintathu ezingabafana. Kodwa emva kwesikhashana indoda yaqala ukucwila otshwaleni futhi ihlala ngokumhlukumeza. Akuphelanga sikhathi benza incwadi yesahlukaniso somshado.

Nangalesisikhathi wayesanamathele emfundweni uMaya. Waqhubeka wayofunda ngezokuphathwa kwamabhizinisi, wabe eseba nguthisha esikoleni esiyisekhondali. Lokhu kwamsiza ukuthi azimisele kwezezimali aphinde anakekele abantabakhe njengoba ayefisa. Ngobunzima edlula kubo, wafunda ukubekezelela isimo sakhe sempilo, wathola ukuhlonipheka nesithunzi.

### *Imibuzo Yokuzindla*

1. Izingane eziningi ezise simweni sikaMaya ziphilela ukuhlupheka impilo yazo yonke. Yini eyaletha umehluko empilweni kaMaya na?
2. Ufundani ngokuziphatha koMhloli ngenqubekela phambili kaMaya na?
3. Chaza lokho okuqondayo ngomusho othi: "ukuhlonipheka nokuba nesithunzi."

## 5. Umphakathi Uzihlahlela Eyephambili

1. Sebenzisa ithuba lezinkonzo eBandleni ukufeza lezizinjongo:
   - Sebenzisa ulimi olungacwasi, olubandakanya bonke (ezilimini zase ayiAfrika ayikho inkinga).
   - Ezintshumayelweni ake uphonsele inselelo yonke leyomigomo nezimiselo ezikhona emasikweni, kodwa zibe zicindezela abesifazane nalabo abayingcosane ngesibalo, eBandleni nasemphakathini.
   - Ezintshumayelweni zakho, khuluma ngesithunzi sabantu bonke, ngaphandle kokubandlula muntu ngokobulili noma ngokwesakhiwo sobuntu bayilowo nayilowo (njengawo-'nkonyeni').
   - Nikeza nabesifazane ithuba lokushumayela ngezikhathi ezithile.
   - Ake wakhe olunye uhlelo olwahlukile lwemithetho yokusontisa yeBandla lapho abesilisa. Ake nabesifazane bezothola amathuba afanayo okwenza izinto enkozweni.
2. Nakhe imikhandlu yokwelekelela amakhatholika, anezinkinga ezithize ngobulili nangezakhiwo zemizimba yawo.
3. Nikezela ngolwazi:
   - Yazisa-ngezinombolo, zezikhungo, eziphephile, ezempilo, UFMSA (ababhekele ngezokuhlukunyezwa kwabantwana).
   - Fundisa ngemfundiso yeBandla ngokulingana nesithunzi sabo bonke abantu.
4. Hlela imvuselelo yabesilisa emayelana nolwazi abanalo ngomphakathi onamalungelo afanayo.
5. Hlelela abesifazane imvuselelo emayelana nemfundiso yokomoya egxile emulungelweni alinganayo oluntu.
6. Fundisa labo asebemukele iSakramente loMqiniso ngokuzilungiselela ukungena ebudaleni, umshado, kanye nobudlelwano obuhle kwezothando.
7. Celela bonke labo abaqeqeshelwa ubuPriste ukuba:
   - Benze izifungo ze-sayensi kwezokholo nolwazi ngoNkulunkulu evuna abesifazane.
   - Bafunde ngokubambisana nokwamukela abesifazane njengabantu abalinganayo nabo.
8. Yikuphi okunye eningakwengeza kulokhu?

# Ukwelapha

## 1. Zithini Izidingo Zobuntu

### *Inkinga Yokufa Uthukuthele*

UPawuli owayeneminyaka engu-39 efika endaweni yokuphumula yabagulayo i-hospice kungu-Okthoba. Wayegula kakhulu, engakwazi nokuzihambela futhi ezizwa edangele. Wazikhipha yena inyumbazane kungavumi nokuba akhulumisane nabanye. NgoDisemba welashelwa isifo sofuba (T.B) wabe eseqala ukululama. Kancane kancane watotoba ehamba ngenduku. Kwathi emva kwalokho wabe esezihambela. Njengoba uPawuli wayeseqala nokumethemba umhlengikazi owayemnakekela, waqala ukumvulela isifuba sakhe ngesimo sempilo akhule eyiphila. UNina wayeshone eneminyaka engu-9 kuphela futhi wayezibonele ngawakhe uyise embulala. Umhlengikazi wamelekelela ukubuyisa sonke lesosithombe njengoba sinjalo ukuze akwazi ukugonyuluka bonke ubuhlungu ayenabo. Wavuma ukusebenzisana nomhlengikazi, nakuba wayemanqikanqika ukumkhiphela sonke isifuba sakhe. Ngasona lesosikhathi uyise washona. Waya nje emngcwabeni ngoba "kwakuyinto elindelekile ukuba ayenze." Emva kokuba esebuyele kulelogumbi le-hospice, wayengatshengisi nokuncane ukudabuka ngesehlo esasimehlele.

Emva kwezinyangana omunye wabangani bakaPawuli lapha e-hospice wedlula emhlabeni. Nakuba wayefisa uPawuli ukuya emngcwabeni, kodwa wema ngaphandle, wenqaba ukungena endlini yesonto. Wadala isiphithiphithi ngomsindo ayewenza ngaphandle kwendlu yesonto. Umhlengikazi owayembhekile ngalesosikhathi wabona konke okwenzekayo. Sebebuyile lapho, wambekela imigomo ethize yokuziphatha uma ephakathi kwabantu. Waphinde wathi makakhethe ukuthi ufisani ngekusasa lakhe. Ngesikhathi sePhasika, uPawuli wagoduka njengoba wabe esengcono kakhulu manje empilweni, nakuba wayesathatha imishanguzo ethile. Emuva kwamasonto ambalwa, wabuyela e-hospice. Wayesegula kakhulu kunakuqala. Ngesikhathi esekhaya wayesenesikhathi eside engasayidli imithi yakhe. Esikhundleni salokho wazilimaza ngokuphuza ngokweqile nangokubhema engakhawuki. Akuthathanga sikhathi, wabe esebhekene nokufa okubuhlungu ethukuthele.

### Imibuzo Yokuzindla

1. Ake uchaze ngemizwa okungenzeka ukuthi wayenayo uPawuli ngokufa kukaNina nangokufa kukaYise.
2. Ucabanga ukuthi kwenzekani kuPawuli emva kokuthi ebuyele ekhaya ngePhasika na?
3. Yini ocabanga ukuthi yamenza afe ethukuthele?

### *Ngeke Yenzeke Kithi Leyonto*

Njengothisha esikoleni esisematheni nesihlonishwayo emphakathini, ngangazi ukuthi amantombazane amaningi egumbini lami lokufundisa ayesengene ntshi kwezothando. Ngalesosikhathi eminyakeni yabo-1990, ngacela kuthisha-nhloko ukuba angiphe imvume ngokufaka uhlelo lokufundisa ngezocansi esikoleni. Ngeshwa elikhulu impendulo engayithola yathi: "Cha, ngeke ukubone lokho ngoba izingane esinazo kulesikole ziphuma emindenini emihle yamaKhatholika. Manje-ke ngeke kulunge sifundise ngezocansi ezinganeni ezincane kangaka." Ngabe senginqatshelwa kwakuyiphatha nje, indaba yocansi. Ngemuva kweminyaka ethile, omunye wamantombazane engangiwafundisa, wabulawa yisifo esihlobene nengculazi.

Kuze kube namuhla, uFata namalunga epherishi yendawo lapho kwakhiwe khona lesisikole bayaqhubeka nokuphika ukuthi bakhona emphakathini wabo abanalo igciwane lengculazi. Amalunga alelibandla asabhoka nanamuhla, awafuni nokuyizwa nje indaba yokukhuluma ngengculazi, ngisho nokukhulekela abaphilayo naleligciwane nalabo ababulawa yingculazi uqobo. Ayisakhulunywa indaba yokuletha izinhlelo ezithile zokusiza labo abaphethwe yilesisifo sengculazi nalabo abahlukunyezwa yiso.

*Imibuzo Yokuzindla*

1. Uma ucabanga, yini eyenza ukuba uthishanhloko enqabe uhlelo lokufundisa ngocansi kulesikole na?
2. uFata walendawo, namalungu epherishi yakhe babukeka bengathandi ukwamukela iqiniso. Lokhu kwenziwa yini na?
3. Uma ucabanga liyini ikusasa lentsha kulepherishi?

## 2. Lithini IBhayibheli Na?

📖 **Mark 10:13-16 *UJesu nabantwana***

*Imibuzo Yokuzindla*

1. Yini eyenza abafundi bakaJesu bafune ukuxosha abantwana ?
2. UJesu "Wazigona izingane, wabeka izandla zakhe kuzo, wabe esezibusisa" lyiphi indlela esingathinta ngayo abagulayo ngezandla zethu ukuze baphile na?

📖 **Luke 21:1-4 *Umnikelo womfelokazi***

*Imibuzo Yokuzindla*

1. Yimuphi umahluko owenziwa ngumnikelo womfelokazi emnothweni wethempeli na?
2. Yingani uJesu awubona "njengomnikelo owedlula yonke" lona womfelokazi na?
3. Lendaba isifundisani mayelana nezindlela zokubhekana nokwanda kwengculazi na?

## 3. Ithini Imfundiso YeBandla Na?

Noma yini afuna ukuyenza amaKristo njenganesu lokusiza abaphethwe yingculazi, kumele yesekelwe yisibonelo sikaJesu eVangelini. Lapha sithola uJesu ebhekene nenselelo yokuphilisa abagulayo nabakhandlekile. Abanye bakhishwa inyumbazana emphakathini ngoba kuthiwa "bayizoni," kepha ngasosonke isikhathi uJesu egcwele intshisekelo, umunyu nozwelo lokubasindisa ezifweni zabo. Onochoko wathi kuJesu: "Nkosi, uma uthanda ungangiphilisa," uJesu waphendula wathi: "Yebo, ngiyathanda" (Mk.1:40-41). Emsebenzini wakhe, uJesu walwa nobandlululo, ukusolwa kwabathile, kanye novalo olwaludalwa yizifo ezinjengochoko, ezazenza abanye abantu bakhishwe inyumbazane emphakathini njengezilahlwa.

Ngawo lomoya kaJesu wokuzihlanganisa nabalahliwe aphinde adle nabo, amaKristo aswele ukufunda isilungo esiyiso sokubhekana nenkinga yegciwane lengculazi. Okubuhlungu kakhulu abakuzwayo lababantu ngukulahlwa nokunganakekelwa muntu. Kepha uNkulunkulu owambulwa nguJesu Kristo, nguNkulunkulu ogcwele umusa futhi othethelelayo. Ngaphezu kwalokho, uJesu wenza konke okusemandleni ukufundisa bonke, ngisho nabaFarisi imbala abaziqhayisa ngokuthi "bagcina umthetho bona." Nabo bayakudinga ukuxoxelwa. Ukuzikhukhumeza kwabanye abazibona bona bengcono kunabanye, bese behlulela abanye yikhona lokho okuyisono, uJesu akugxekayo kakhulu.

*SACBC, 1990*

### *Imibuzo Yokuzindla*

1. **Indlela ayebuka ngayo iziguli uJesu, yayihluke ngani kunezinye ezazilandelwa ngesikhathi sakhe na?**
2. **Singasho kanjani ukuthi "lezozindlela zakudala" zisekhona nanamuhla na?**
3. **Ake uchaze ngawakho amazwi umoya wobukristo okufanele baphathwe ngawo labo abaguliswa yigciwane likamashayabhuqe.**

## 4. Sakha Kabusha Impilo Yethu

### *Ukubhekana Nesimo Ngobuqhawe*

ULettie owayengumhlengikazi osethathe umhlala-phansi wathi ebona usizi, olukhungethe abantu ngenxa yokugula endaweni yakubo, wazibophezelela ekusebenzeleni izintandane, iningi lazo elalishiywe ngabazali ngenxa yengculazi. Waqala ngokuzibizela ndawonye lezingane aphinde aziphe ukudla nakho konke ayekuthola. Wayengena ephuma ezitolo ezingamasuphamakethe, eqoqa lokho abanikazi bezitolo ababengasakudingi, njengezinkwa ezisale ngayizolo, nemifino eyayingasekho esimweni esihle. Abanye abanikazi bezitolo babekubeka eceleni ukudla ukuze uLettie akuthole kusalungele ukudliwa yilezozintandane ayezibhekile.

Wathi esuka uLettie wayeselima isivande, watshala imifino ukuze bangathembeli kuphela ekukhangezweni ngabantu. Abanye asebekhulile epherishi babemelekelela ngengadi yasekhishini. Waphinda wafundisa ezinye zalezingane ukunakekela izitshalo, ukuzinisela nokuzivuna ngesikhathi esifanele. Akuthathanga sikhathi, base bekwazi ukunakekela ingxenye yezidingo zabo. Lokhu kuzikhandla kwagcina sekubenze bavula 'ikhishi lesobho' elaliphakela iningi labantu abampofu nababhuqwa yinkemane endaweni.

Okwalandela lapho kwaba ngukukhiqiza imbewu eningi ngezitshalo zabo. Lembewu yathengiselwa kuphela omakhelwane, abakwazi ukuvula ezabo izivande ngayo endaweni, nasemakhaya abo. Ngolunye usuku, uLettie wazuza umklomelo ngokuba ngumuntu ovelelele ekuthuthukisweni komphakathi nokunakekela abaswelayo. Sammangalisa kakhulu isenzo salenhlangano ebhekele ukuthuthukiswa komphakathi. Ngenxa yalokhu wezwakala esethi : "Konke engikwenzile mina kwaba ngukubona izingane zilambile, ngazipha ukudla".

### Imibuzo Yokuzindla

1. **Yini umahluko phakathi kwendlela uPawuli abona ngayo izinto uma kuqhathaniswa nalena ka Lettie?**
2. **Chaza ukuthi izintandane zazizwa zinjani emoyeni ngemuva kokuba uLettie eziholele esimweni sokuzenzela nokuzimela.**
3. **Wamangazwa yini uLettie lapho ezuza umklomelo ngemisebenzi yakhe na?**

### *"Akukho Zala Lokulahlela Umuntu"*

Indoda kaMirriam yashona yena eneminyaka engamashumi amathathu nambili kuphela. Wayengabatholanga abantwana ngakho-ke ezihlalela yedwa. Kunye kuphela okwakumhlukumeza enhliziyweni, ukubona izingane eziningi endaweni zibulawa yindlala. "Noma kuthiwani kufanele ngenze okuthile ngalesisimo," wayeyilokhu ezitshele lokho. Akuphelanga sikhathi wagula, kanti uzothola ukuthi unamatshe esinyeni. Wakhuleka kuNkulunkulu : "Uma ungihlega kulokhu kugula, ngizokwenzela okuthile. Angazi ukuthi kuzoba yini, kodwa ngiyazi ukuthi uzongitshengisa khona." Ukugula kwaya phambili kwaze kwaphela izinyanga , nokho wabuye walulama.

Eseluleme uMirriam, nakuba ayengakabuyi ngokuphelele amandla, kuthe ngelinye ilanga ezimele ngasesangweni wabona izingane zidlala emgwaqweni. Imicabango yaphithana ekhanda lakhe, ezibuza eziphendula: "Kazi bangakhi kulaba bantwana abayizintandane? Mhlawumbe uma ngibaqoqela ndawonye ngiyobe ngenzela uNkulunkulu okuthile na?" Akupholanga maseko, wabe esehlanganisa abanye omama abayisikhombisa endaweni, kwavulwa indawo kaMirriam yokunakekela abantwana endaweni. Zonke izinsuku, babepha abantwana ukudla kwasemini uma sekuphume isikole. Ngolwezihlanu babanikeze izinkwa ezazizodliwa ngempelasonto. Uma kukhona obuyayo ngempelasonto ezocela ethi: "Gogo ngilambile," wayemupha ukudla ngaphandle kokunanaza. Akukho noyedwa phakathi kukaMirriam nozakwabo owayenothile. Babephana ngalokho okuncane ababenakho. Kulabo ababebuza kuMirriam bethi, "Ukwenza kanjani konke lokhu njengoba wena uqobo lwakho umpofu na? Wayebaphendula athi: "Akukho zala lokulahlela umuntu kulomhlaba!"

*Imibuzo Yokuzindla*

1. Kungabe uMirriam wayesebenzela ukusiza izingane noma uNkulunkulu na?
2. Kwakubaluleke ngani ukuthi uMirriam ameme amanye amakhosikazi ukuba amelekelele na?
3. "Akukho zala lokulahlela umuntu." Ake uchaze ngawakho amazwi ngokuqondwe yilomusho.

## 5. Umphakathi Uhlahla Eyephambili

1. 
   - ➢ Qoqani abathile epherishi, nakhe nabo uhlelo lokuvakashela labo abagula kakhulu nabafayo.
   - ➢ Hlolisisani, niveze labobantu abanolwazi ngezigaba ezahlukene abafayo abadlula kuzo. Njengokuphika iqiniso, ukucasuka, ukuphikisana, inkani, ukudangala, nokwamukela isimo (bheka Elizabeth Kubler Ross).
   - ➢ Baceleni lababantu ukuthi basize nabanye asebezijube ukusiza abagulayo, ukuba nabo badlulea badlule kuzozonke lezozigaba.
2. Sebenzisanani nabantu abangaphandle kwemingcele yesonto lakini, asebevele bezibophezele ekunakekeleni abagulayo.
3. Baceleni abanye esontweni ukuba bafake isandla ekusebenzeni esikhungweni sabagulayo esisendaweni .
4. Kungenzia njani ukusimamisa labo abanegciwane lengculazi ukuthi bakwazi ukuzimela nokuziphilisa.
5. Yikuphi okunye eningakujobelela kulokhu, noma eningaqhamuka nakho na?

## *Isigcawu Sesishiyagalombili*

# *Ukunakekela*

## 1. Zithini Izimfuno Zobuntu

### *"Asigqizi Qakala Thina"*

Sesiside isikhathi uThandi oneminyaka elishumi kuphela enakekela unina ophethwe yisifo esingaziwa muntu igama laso. Kuso sona lesisimo usefana nomama kubafowabo abancane kunaye. Ugcine esengumuntu ogqilazekile nokhandlekile ngenxa yalesimo. Lokhu kumholele ekutheni ayeke nesikole ukuze abheke umndeni wakubo osulahlwe nanguyise imbala. Ekugcineni unina kaThandi washona, okwathi esemngcwabeni wezwa ngokokuqala ngqa igama le "ngculazi" liphathwa ngomakhelwane. Manje uThandi kufanele aqhubeke nokunakekela abafowabo nakuba bengenanto ebangenisela imali.

Emva kwalokhu uThandi wathatha isinqumo sokubuyela esikoleni ukuze aqhubeke nemfundo yakhe. Ngaphezu kwesigcwagcwa sengculazi abhekene naso esabangwa ngukushona kukanina, akanayo futhi imali yokuthenga inyufomu yesikole kanye neyokukhokhela imfundo esikoleni. Uthishanhloko naye wenqaba ukumamukela esikoleni.

Bathi bangezwa ngokubandlululwa kwalengane abanye omakhelwane bababela khona esikoleni ukuze bachazele uthishanhloko ngesimo sikaThandi. Noma kunjalo yena, akazange ayingene nje leyo. Yize noma uthishanhloko abhaca ngokuthi ngeke amemukele uThandi esikoleni ngoba engenawo umfaniswano kanye nemali yokubhalisa ukuze afunde, kwacaca bha kulabomakhelwane ukuthi inkinga kwakuyisigcwagcwa sokuthi uNina wabulawa yingculazi. Babe sebexoxisana nomkhandlu wabazali owengamele isikole, nawo waziqhathulula weseka uthishanhloko wesikole. Base becaphuna ku-Somqulu wezwe laseNingizimu Afrika lapho kunikwa khona zonke izingane amalungelo okufunda, futhi wenqaba ukukhishwa kwezingane esikoleni ngenxa yokwehluleka ukukhokha imali yesikole. Phezu kwakhokonke lokho umkhandlu wavele walimisa ngembaba elokuthi: "Asigqizi qakala thina, izwi likaThishanhloko lingujuqu."

*Imibuzo Yokuzindla*

1. Lizobanjani ikusasa likaThandi uma ucabanga?
2. Wawungenzenjani wena ngesenzo sikaThishanhloko nesigungu sakhe na?
3. Ake uchaze ngesimo esifana nalesi, osaziyo ngakini.

### *Singathathani Sihlanganise Nani Ngezintandane na?*

Kwakunomama owayegula kakhulu. Uma ehlolwa kwatholakala ukuthi unengculazi. Ngesikhathi ukufa kuqhubeka, yena wabonakala ephelelwa ngamandla njalo. Kwaze kwadingeka ukuba athathe umhlalaphansi ngoba wayengasakwazi ukusebenza. Wahlala ekhaya namadodana akhe ayeneminyaka engu-13, omunye ingu-9, kanti owokugcina ingu-7. Bonke labantwana bazama konke okusemandleni abo ukunakekela unina ogulayo. Ngesikhathi amanye amakholwa emvakashele, amkhuthaza ukuthi makaye esikhungweni sokunakekela abagulayo, ngoba kwase kumqinisile impela ukugula. Wavuma ukukwenza lokhu, nakuba kungaphelanga maseko wabesedlula emhlabeni.

Uyise walabantwana wayevele esahlukana nonina washada nomunye unkosikazi. Uma ecelwa ukuthi anakekele lezingane, wavele wathi: "Nginomunye umndeni njengamanje. Ngeke ngikwazi ukunakekela lawamabhoxongwana mina. Mabazinakekele bona ngokwabo." Kwakungasekho ukwenza ngenye indlela, kwase kumele bazibonele labafanyana, ngoba kungekho muntu onendaba nabo. Akekho noyedwa kumalunga omndeni owake wazihlupha ngabo. Mihla yonke babelala belambile. Nasekuseni uma bevuka babengenalutho abazoludla noma abazoluphuza. Bangena imizi ngemizi becela ukudla. Nakuba besaya esikoleni namuhla, kodwa abakwazi ukukhokha imali yesikole, imali yenyumfomu, eyezincwadi kanye neyokudla.

*Imibuzo Yokuzindla*

1. Kwenziwa yini ukuthi lamakholwa amkhathalele lomama owayefa, kodwa akaze agqiza qakala ngamadodana akhe amathathu na?
2. Zinekusasa elinjani lezingane ngokubona kwakho?
3. Yini ocabanga ukuthi izokwenzeka kulezinkulungwane zezintandane zikamashayabhuqe kulelizwe lethu?

## 2. Lithini IBhayibheli Na?

📖 **Luka 18:35-43** ***Ukuphiliswa Kwempumputhe***

*Imibuzo Yokuzindla*

1. Babenziwa yini abantu esixukwini ukuthi batshele impumputhe ukuba ithule na?
2. Impumputhe yona, yenziwa yini ukuthi iqhubeke nokumemeza?
3. Yini edingekayo kithina uqobo ukuze sikwazi ukuzwa ukukhala kwalabo abadinga ukwamukelwa nokusizwa yithi ekuguleni kwabo?

📖 **Luka 6:36-38** ***Umusa Esikhundleni Sokwahlulela***

*Imibuzo Yokuzindla*

1. Yini edala ukuba uJesu asifundise ukuba singehluleli nokuthi singalahli muntu ngecala na?
2. Yiziphi izinguquko ezingabakhona emphakathini okuwo uma bonke bebengaba nozwelo baphinde bathethelele labo abaphethwe yizifo ezinhlobonhlobo na?
3. Ake ubeke lemfundiso engenhla ngawakho amazwi.

## 3. Ithini Imfundiso Yebandla?

Kungumsebenzi wethu njengamaKristo ukwelula isandla nokunakekela labo asebengenwe yingculazi, kanye nemindeni yabo, njengoba sebebhekene nengwadla yesimo esinganqandeki sokuthukuthela, ukukhahlamezeka, nokuzizwa belahliwe. Siyababongela labobantu, namaqembu asebeqalile ukuxhasa nokunakekela labo abaguliswa ngumashayabhuqe. Sengathi bangaqhubeka nokwenza lomsebenzi bazame nokuthola amasu amasha okwenza kangcono. Uthando lwabo luyancomeka. Siyakholwa futhi ukuthi labo abaguliswa yingculazi ngokwabo bangasifundisa okuningi. Ziningi izinto eziyizibonelo ezinhle zobuqhawe nokuzinikela ezenziwa yilabobantu, ikakhulukazi lapho sebebhekene nokufa. Ngaphezu kokuba behaqwe wuvalo nobuhlungu, sebefunde ukumazi kangcono nokumethemba uNkulunkulu, nakuba isimo abakuso besingabenza baphelelwe yisineke balahle nethemba. Iningi labo bazinikele ngisho ekusizeni abanye, ngaleyondlela baveza "imisebenzi kaNkulunkulu" (John 9:3).

*SACBC, 1990*

*Imibuzo Yokuzindla*

1. Yini le engaka esingayifundiswa ngabantu abaphethwe yingculazi na? Kanjani?
2. Ake ukhulume ngalabo asebetshengise isibindi nokuzinikela yize begula kakhulu.
3. Ningenzani njengomphakathi ukusiza abantu abagulayo ukuthi babuke izinto ngendlela eyakhayo nephilisayo na?

## 4. Ukulungiswa Kwempilo

### *Imingcwabo Emba Eqolo*

Kwase kukuningi ukuxoxisana phakathi kwamaKristo athile kwelinye lamalokishi amakhulu ngenkinga yemingcwabo emba eqolo ngezindleko. Imindeni eminingi yase ingene ezikweletini ngenxa yalesisimo. Lemindeni yayicabanga ukuthi kwakunesidingo ukwenza

lokhu ngoba yinto eyenziwa ngabantu bonke. Kwakubalulekile ukuchitha konke abanako ukuba nomngcwabo omuhle. Umphumela walokhu kodwa wawungemuhle neze ikakhulu kwabampofu nezintandane. Ngolunye usuku kwabanomhlangano wokudingida loludaba, nombhishobhi wesifunda ekhona. Umbhishobhi wababuza ukuthi ukungena ezindlekweni ezingaka ngomngcwabo akuphambene yini namasiko ase-Afrika mayelana nesithunzi somngcwabo.

Ngemva kokulalela lezingxoxo, umfundisi weBandla lamaSheshi waqala ukushumayela ngaloludaba esontweni lakhe. Wagqugquzela amakholwa ukuthi:

- Umndeni oshonelwe mawuvakashelwe kafushane nje, futhi abantu baziphathele ukudla, bangalindeli ukuphiwa ngumndeni oshonelwe.
- Bangayenzi imingcwabo emba eqolo, nokuthi bangasembozi isidumbu noma ibhokisi lomgcwabo ngesikhumba senkomo noma ingubo. Nokuthi kungcono bathenge amabhokisi ashibhile, angabizi kakhulu.
- Mabakhokhe o-R2.00 kuphela ebhasini eya emangcw.
- Nokuthi bangabuyeli emndenini womufi emva komngcwaboo ukuze baphiwe ukudla. Makubuyele kuphela amalunga omndeni.

Phezu kwalokho, kodwa abantu abavumelananga nalemibono yakhe. Benqaba ukuzenza lezizinto ezishiwo ngumfundisi funa bazenze inhlekisa komakhelwane. Munye kuphela wamalunga alelibandla owayeshonelwe yindodakazi yakhe ngenxa yengculazi owakwenza yena lokhu emngcwabeni. Akakushayanga mkhuba ukubukelwa phansi ngenxa yobuphofu bomgcwabo. Emva kwalokho landa inani labantu abakwenzayo lokhu kulelisonto. Njengamanje sekungumkhuba ovamile lokhu kulendawo. Akugcini futhi lapho ngoba endaweni yonke, nakwamanye amabandla imbala, lokhu sekube nomthelela omuhle.

### *Imibuzo Yokuzindla*

1. Ucabangani ngemibono yalomfundisi waseSheshi?
2. Ake uchaze ngengcindezi ababhekana nayo abantu abaningi, “yokwenza konke kube sezingeni eliphezulu emngcwabeni.”
3. Umndeni wakho ungazizwa unjani ngokwenza “umngcwabo ompofu na?” Chaza.

## *“Ngifuna Ukuba Baphile Ekukhanyeni”*

U-Ellie wayazi kahle kamhlophe ukuthi wayephila negciwane lengculazi, yize wakwazi ukugcina lokhu kuyimfihlo iminyaka emibili. Wathi angayidalulela abazali bakhe lendaba, bamxoshisa okwenyongo yenyathi, ekhaya. “Awuselona ilunga lalomndeni,” basho beyikhaca indodakazi yabo. Kusukela lapho, uEllie wahamba wayosebenza eGoli. Kodwa waqhubeka nokuthumelela abazali bakhe imali nyangazonke. Kodwa bona benqaba ukuyamukela. Wabesexoxisana namanye amalunga eBandla ngaloludaba, wona abesexoxa noFata wepherishi esonta abazali bakhe. UFata wabeseya kokhuluma nabazali baka-Ellie. Abazali bakhe kodwa baqinisa ikhanda. Babengasafuni lutho oluzobaxhumanisa nendodakazi yabo. “Okusemqoka njengamanje wukuthi, u-Ellie akaseyona indodakazi yethu, usenjengesihambi nechilo emphakathini wonkana,” basho kanje abazali.

Emva kokuzwa lokhu, u-Ellie wakhetha ukuyithumelela kumfowabo imali, okwathi emva kwesikhathi wakha indlu ngaleyomali. Bathi bangezwa nje abazali ukuthi indlu yakhiwe

ngemali ka-Ellie, bafika bayidiliza. Umzala ka-Ellie wathi angezwa ngalokhu wahamba wayoyitshela uFata lendaba. Ngalesosikhathi wahlangana wonke umndeni noFata lwadingidwa loludaba. Kwaze kwaba ngemuva kwalomhlangano, nempikiswano eningi, lapho abazali baka-Ellie baqala ukubona isimo ngeso lendodakazi yabo. Kwamduduza kakhulu u-Ellie lokhu. Emuva kwezinyanga ezintathu esebhekene nokufa u-Ellie, wazizwa nokho ephilile emoyeni, futhi egcwele uxolo ngoba esexolelene nabazali bakhe. Emva konyaka eshonile u-Ellie, kwaba nenkonzo yokwembulwa kwetshe lakhe, noyise wabeka inkulumo kubo bonke abakhona. "Ngizokwenza uhlelo lokuqoqela intsha ndawonye." Waqhubeka wathi ukuze ngibafundise ngalesisifo esesabekayo, sengculazi. Njengamanje ngiyabona ukuthi basahlezi ebumnyameni ngifuna baphile ekukhanyeni."

*Imibuzo Yokuzindla*

1. Uthini ngokuziphatha nangendlela ababuka ngayo izinto abazali baka-Ellie?
2. Ucabanga ukuthi waqhubekelani u-Ellie nokuxhasa abazali bakhe ngemali na?
3. Yini eyaletha ushintsho kuyise ka-Ellie?
4. Kungenziwa njani ukuqeda isigcwagcwa sokuba nengculazi emphakathini wakini na?

## 5. Umphakathi Uhlahla Eyaphambili

1. Ungabachazela kanjani abantu ngesidingo esiphuthumayo sokuzwela nokunakekela labo abaguliswa yingculazi na?

   Ungababgqugqquzela kanjani ukuthi benze okuthile egameni labo?
2. Yini edingwa kakhulu izintandane na?
3. Hlanganisa abantu ukuze kutholakale isu lokubhekana nalezozidingo.Ake uqoqele ndawonye abathile ukuze basize imindeni yalabo abaphethwe yingculazi
4. Ake uhlele ingxoxo emphakathini wamakholwa ePherishi, ukuze kudingidwe udaba lokubiza kwemingcwabo. Yimiphi imibono abalulekile ongathanda kuxoxiswane ngayo ngaloludaba na?.
5. Ikhona yini imindeni oyaziyo, eyalahla amalunga ayo agulayo na?

   Ungenzenjani ukuba kuphinde kwakhekhe uxolo nokuzwana kuleyomindeni ?
6. Yikuphi okunye eningathanda ukuxoxisana ngakho epherishi ngalenkinga na?

# Uhla LweZiNcwadi

*Incwadi yeSinodi yase Afrika, (Eclesia in Africa).* NguPhapha Johannes Paul II, 1994

*Octogesima Adveniens.* NguPhapha uPaul VI, 1971.

*Evangelii Nuntiandi,* Ukusatshalaliswa kweVangeli, nguPhapha Paulus VI, 1973.

*Umbiko Wokwalusa ngodaba Lwengculaza* (Pastoral Statement on AIDS) wethulwe yiNhlangano yabaBhishobhi bamaKhatholika e-Afrika eseNingizimu (SACBC)

*Kuqiniswa Ubumbano Loxolo: Umzindlo Wokwalusa mayelana nabesifazane eBandleni nasemphakathini* (Strengthening the Bonds of Peace: A Pastoral Reflection on Women in the Church and in Society 1994)

*Incwadi Ebhekiswe Kwabesifazane* (Letter to Women.) NguPhapha Johannes Paulus II, 1995.

| TITLE | NAME | SURNAME | ADDRESS1 | ADDRESS2 | CITY | CODE | TELEPHONE | FAX | E-MAI |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| Sr | Bernadette | IBVM | PO Box 287 | Pretoria | | 0001 | 012-3266753 | | |
| Mr | Norbert | Koessmeier | TBC | | | | | | |
| Mrs | Agnes | Lephoto | PO Box 1632 | Maseru | | Lesotho | 09266-2231500 | 09266-22310314 | aidsco |
| Sr | Mary – Jane | Lubinski | PO Box 2083 | Southdale | | 2135 | 011-4331888 | 011-6809628 | lubinsk |
| Ms | Phumzile | Mabizela | ISB-University of Natal | Private Bag X01 | Scottsville | 3209 | 033-2605191 | 033-2606294 | zondir |
| Fr | Victor | Makhetha | PO Box 17128 | Groenkloof | | 0027 | 012-4602039 | 012-4603596 | sjv@g |
| Mrs | Gloria | Marsay | 58 Bompas Road | Dunkeld | | 2196 | 011-8803554 | | marsa |
| Mr | Danny | Marsay | 58 Bompas Road | Dunkeld | | 2196 | 011-8803555 | 011-8803554 | marsa |
| Ms | Lenny | Masimbuka | PO Box 48775 | Hercules | | 0030 | 012-3796061 | | |
| Ms | Priscilla | Masuke | 40 Escombe Ave | Parktown | | 2193 | 011-7267643 | | |
| Ms | Barbara | McGregor | PO Box 2083 | Southdale | | 2135 | 011-7889939 | | barbar |
| Ms | Christine | Mdluli | PO Box 48775 | Hercules | | 0030 | 012-3796061 | | |
| Sr | Marie-Andre | Mitchell | PO Box 91422 | Auckland Park | | 2006 | 011-7262136 | 011-7262544 | sndsa |
| Mr | Emmanuel | Modikwane | SACBC AIDS Office | PO Box 941 | Pretoria | 0001 | 012-3236458 | 012-3266218 | |
| Sr | Elsie | Moyo | PO Box 990 | Middelburg | | 1050 | 013-2433410 | | |
| Sr | Theodula | Mueller | PO Box 261 | Umtata | | 5160 | 047-5350701/2 | | |
| Sr | Joan | Mumaw | PO Box 2083 | Southdale | | 2135 | 011-4331888 | 011-6809628 | joan@ |
| Sr | Alison | Munro | SACBC AIDS Office | PO Box 941 | Pretoria | 0001 | 012-3236458 | 012-3266218 | |
| Sr | Amelia | Murphy | PO Box 1629 | Highlands North | | 2037 | 011-6401170 | | |
| Ms | Thuli | Mzamane | PO Box 900925 | Rosslyn | | 0200 | 011-4330260 | 011-4330271 | cathca |
| Fr | Vitus | Ncube | Private Bag 553 | Eshowe | | 3815 | 083-5402753 | | |
| Sr | Immaculate | Ndlovu | PO Box 194 | Wasbank | | 2920 | 034-6511722 | | |
| Ms | Florence | Ngobese | PO Box 18017 | Sunward Park | | 1470 | 011-9062750 | | fngobe |
| Mr | John | Nourse | PO Box 44172 | Linden | | 2104 | 011-7824618 | | |
| Mr | Alfred | Nsope | St Augustine's College | PO Box 44782 | Linden | 2104 | 011-7824616 | 011-7828729 | |
| Dr | Simon | Nyathi | PO Box 106 | Letaba | | 0870 | 015-3031535 | 082-5618329 | snyath |
| Ms | Bongi | Nzimande | 66 Ritchie Rd | Pelham | PMB | 3201 | 083-9689265 | 033-2606295 | nzima |
| Sr | Melanie | O' Connor | PO Box 109 | Elandskop | | 3226 | 033-9971745 | | langsy |
| Fr | Peter-John | Pearson | 12 Bouquet St | Cape Town | | 8000 | 021-4611417 | 021-4616961 | sacbc |
| Mr | Mike | Pinnock | PO Box 11525 | Selcourt | | 1567 | 011-6364210 | | mpinn |

| TITLE | NAME | SURNAME | ADDRESS1 | ADDRESS2 | CITY | CODE | TELEPHONE | FAX | E-MAIL |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| Sr | Rose | Power | PO Box 109 | Elandskop | | 3226 | 033-9971745 | | langsyde |
| Sr | Linda | Prest | PO Box 287 | Pretoria | | 0001 | 012-3273564 | | |
| Fr | Anselm | Prior OFM | PO Box 17004 | Groenkloof | | 0027 | 012-4601778 | 012-3461438 | s.sophia@ |
| Sr | Sue | Rakoczy | Private Bag 6004 | Hilton | | 3245 | 033-3433299 | | srakoczy |
| M | Mikhail | Rassool | The Southern Cross | PO Box 2372 | Cape Town | 8000 | 021-4655007 | 021-4653850 | scross@ |
| Fr | Graham | Rose | PO Box 46 | Rivonia | | 2128 | 011-8031229 | 011-8034207 | tgrose@ |
| Mrs | Toni | Rowland | PO Box 2881 | Randburg | | 2125 | 011-7895449 | 011-7895449 | homefun |
| Fr | Charles | Ryan | PO Box 32 | Hilton | | 3245 | 083-9455615 | | cpryan@ |
| Sr | Elizabeth | Schilling | PO Box 1572 | Bronkhorstspruit | | 1020 | 013-9321904 | 013-9324377 | sizanani@ |
| Mr | Burchard | Schloemer | TBC | | | | | | schloeme |
| Ms | Fredericke | Schoenberger | PO Box 1572 | Bronkhorstspruit | | 1020 | 013-9321904 | 013-9324377 | sizanani@ |
| Fr | Sithembele | Sipuka | PO Box 17128 | Groenkloof | | 0027 | 012-3462811 | 012-4603596 | sjv@glob |
| Dr | Ingrid | Skakal | PO Box 80 | Magaliesview | | 2067 | 082-5771441 | 011-4652609 | ingrid@g |
| Sr | Jennifer | Slater OP | PO Box 17128 | Groenkloof | | 0027 | 012-4602039 | 012-4603596 | jslater@ |
| Bishop | Hugh | Slattery | PO Box 261 | Tzaneen | | 0850 | 015-3075244 | 015-3073078 | tzndioc@ |
| Ms | Ann | Smith | CAFOD Stockwell Rd | London | SW19TY | UK | 0944-77337900 | | annsmith |
| Mr | Tim | Smith | PO Box 82116 | Southdale | | 2135 | 011-4330260 | 011-4330271 | director@ |
| Mrs | Francis | Steele | 3 Phildene Gdns | Seaton Rd | DBN North | 4051 | 031-5639305 | | fsteele@ |
| Ms | Else | Strivens | PO Box 1879 | Bedfordview | | 2008 | 011-4530025 | | elsemari |
| Sr | Brigid | Tiernan | PO Box 134 | Westhoven | | 2142 | 011-6731473 | | rocs@m |
| Sr | Mary | Tuck | PO Box 10265 | Geluksdal | | 1546 | 011-7389306 | | thabong@ |
| Fr | Herman | van Dyck | PO Box 119 | Halfway House | | 1685 | 083-4698655 | 011-2618639 | |
| Mr | Johan | Viljoen | SACBC AIDS | PO Box 941 | Pretoria | 0001 | 012-3236458 | 012-3266218 | |
| Sr | Shelagh | Waspe | Private Bag X10 | Doornfontein | | 2028 | 011-4026400 | 011-4029001 | justpeace |
| Sr | Ann | Wigley | PO Box 128 | Westhoven | | 2142 | 011-4777425 | | annwigley |
| Dr | Heinz | Wirz | PO Box 16119 | Dowerglen | Edenvale | 1612 | 082-8216914 | | wirz@glo |
| Fr | Linda | Zwane | PO Box 8074 | Cumberwood | | 3235 | 072-2030757 | | lindazl@t |